


UBUHOLI

 Ngiyabonga, Mfowethu Williams. Ngiyabingelela, Mfowethu Salano nomkakhe, nazo zonke izithunywa lapha kulesisiphihli sedili kulobubusuku. Kuyinhlanhla enkulu ngempela ukuba lapha. Bengililindele lelihora selokhu kusukela siqale lendlela.

² Futhi ngi—ngifuna ukubonga lelonenekazi, angisalikhumbuli igama lalo, uBilly ungitshelile, nje bangiphe ibhokisi likaswidi kaKhisimuzi, futhi nje balikhiphele emotweni emizuzwaneni embalwa edlule. Udade, angisalikhumbuli igama lakhe, ungowalapha eCalifornia. Leso kube yisipho sami sokuqala sikaKhisimuzi. Ngakho ngi—ngiyakubonga ngaso.

³ Manje, kulobubusuku yi...Manje eTucson yimizuzu eyishumi emva kwelesishiyagalolunye, kodwa ngicabanga ukuthi yimizuzu eyishumi nje emva kwelesishiyagalombili lapha. Ngakho si...Nginohlobo lomuzwa phakathi kwabantu, ngiluhlobo oluthi ukugwinciza isikhathi eside ekushumayeleni, ngakho ngi—ngiyethemba...[Tbandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyanibonga. Okunje...abantu abathize abakahle phakathi lapha. Ngiyanibonga.

⁴ Kodwa ngi—ngithe nje ukushumayela ngaphuma kancanyana, cishe impela, kulobubusuku, kade ngihamba isikhathi eside kakhulu ngisuka e—eShreveport nasezweni lonke (ngiza ngapha) ubusuku nobusuku, futhi uthola nje ukushukunyiswa okuncane—okuncane nje, niyazi, nomkhuhlane, nomphimbo wakho uthola ukusha. Ngaqala ukuphumela eShreveport. Ngalahlekelwa yizinwele zami ngenkathi ngang...eminyakeni embalwa edlule. Futhi nganginophisi omncane engiwuthwalayo uma ngishumayela ezweni lasenyakatho, ukuvikela ukuphathwa umkhuhlane. Ngaya eShreveport ngase ngiwukhohlwa, futhi ngathola ukuphathwa ngumkhuhlane ngempela. Loyo umoya uza unqamula kanjalo, anazi nje ngempela. Wakhipeka naephu—na, nesikhumba sisalokhu sithambile, nanomjuluko omncane nje futhi ngiwuthole ngempela emphinjeni; ngadingeka ngivale imihlangano eminingi. Ngakho ngithe nje ukusha izwi kancanyana kulobubusuku.

⁵ Sifuna ukusho ukuthi sibe nesikhathi esimnandi siza siqamula ngapha, nokho, emihlanganweni. Izolo ebusuku sibe nesikhathi esimnandi enhla e...nabazalwane, enhla, omunye umkhandlu wezikhulu zesonto. Futhi ngakho kube nesixuku esikhulu phandle nokwethamela okumangalisayo, abantu behlonipha kakhulu futhi bekahle. Ngakho kungenza

ngizizwe ngikahle ngempela ukuba yingxenywe yoSoMabhizinisi beFull Gospel. Beku. . .

⁶ NginoMlayezo, ngiyezwa, uvela kuNkulunkulu. Uyingqaba kancane kwabany'abantu. Futhi akukho engingakwenza okungengaphezu. . .Ngifanele nje ngibe yilokho engiyikho. Futhi si. . .Angiqondile ukwehluka, kungukuthi nje ngi—ngiphila esikhathini esishintshayo. Si. . .

⁷ Inqobo nje uma wakha udonga indlela eyodwa eqondile, konke kukahle, o—omeselane bangehla ngqo ngomugqa. Kodwa uma sekufanele ujike ikhona, yilapho isikhathi. . . Futhi asakhi udonga; sakha indlu, niyabo, ngakho lelijika lizofanele lifike. Afika onyakeni kaMartin Luther, uJohn Wesley, nonyaka wamaPhentekoste; ulapha futhi. Ngakho si. . . kul'khuni ukujika amakhona. Kodwa nginokubonga kakhulu ngo. . .kuNkulunkulu, ngisho nakuba bekukhahlana kanjani, abantu usabele ngamapesente ayikhulu. Ngakho sinokuthokoza kakhulu, ngiyanibonga ngamunye wenu.

Futhi manje ngaphambi kokuba sivule iNcwadi, asikhulume kuMqalisi, uma nithanda, umzuzwana nje, sisakhothamisa amakhanda ethu:

⁸ Nkulunkulu othandekayo, sinokuthokoza kuWe kulobubusuku ngenhlahlala yokwazi uJesu Kristu (uMsindisi wethu) iNdodana yaKhe, ekuxolelweni ngesihle kwezono zethu, nokwazi ukuthi iGazi laKhe lenele elisibekele zonke izono zethu nobubi bethu. Zihlikihlwe zasuka kakhulu futhi zafakwa olwandle lokukhohlwa kukaNkulunkulu noMlobokazi waKhe siyoma esiDlweni sakusihlwa soMshado, simsulwa, singaxutshwe nalutho, ukuba sishade neNdodana kaNkulunkulu. SiKubonga kanjani ngalokhu ukwenela konke nokukholwa ukwazi ukuthi asethembeli ekufaneleni ukubongwa kwethu uqobo kodwa ekufaneleni ukubongwa kwaKhe yedwa, ngalokho Asenzela khona. Sinokuthokoza kakhulu.

⁹ SiyaKubonga nge—ngempumelelo lababazalwane ababenayo phesheya kwezilwandle namazwe laphaya lapho belambile futhi bomele uNkulunkulu. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi uma bebuyela emuva futhi, ukuthi labobantwana ababafake eMbusweni bazoba ngokhokho besifazane nomkhulu babantwana ababangenisayo futhi. Siphe khona, Baba.

¹⁰ Sibusise kanyekanye, kulobubusuku, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungasipha izinto esizidingayo. Vala imilomo yethu ezintweni esingafanele sizisho, futhi uvule izinhliziyi zethu ukwemukela lokho Ozositshele khona. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

¹¹ Manje asiphenye eBhayibhelini endikimbeni encane engizothanda ukukhuluma ngayo isikhashana kulobubusuku, futhi itholakala kuMarku oNgcwele, isahluko 10.

¹² Futhi ngangine... Eminyakeni embalwa edlule uma ngangikhuluma, ngangi—ngangingadingi ngisho nokuthi ngize ngibhale inothi, ngangikukhumbula. Futhi ngangingadingi ukuba ngithathe ipheya lezibuko ukuba ngikufunde eBhayibhelini. Kodwa selokhu ngedlule emashumini amabili-nanhlanu manje, okwesibili, futhi sekuthi ukuba l'khunyana kakhulu kimi ukuba—ukuba ngenze njengoba ngangivamise ukwenza. Futhi kunjengemoto esigugile, kodwa ngisagijima. Ehhe, ngifuna ukuqhubeka nokuhamba ngithi vumvum kuze kube... Ngiya enqwabeni yezikrebha ukuba ngibuye ngibunjwe futhi. Leso yisithembiso.

¹³ ULuka Ongcwele, isahluko 10, futhi ngiqale e... Ngikholwa ukuthi ngithe ivesi 21, uma ngingakuthola lapha ndawondawo. Ngiyaphaphalaza, nguMarku oNgcwele. Ngiyaxolisa.

¹⁴ UMarku oNgcwele, isahluko 10, nama—mashumi amabili... ngiqale ngevesi 21, ngifuna ukufunda. Asithole ivesi 17, njalo:

Ekuphumeni kwakhe ukuya endleleni, umuntu wagijimela kuye, eguqa phansi ngamadolo phambi kwakhe, wambuza, ethi, Mfundisi omuhle, ngiyakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?

Kepha uJesu wathi kuye, Ungibizelani, ngokuthi ngimuhle na? kakho omuhle munye kuphela, nokungukuthi, uNkulunkulu.

Uyayazi imiyalelo ukuthi, Ungaphingi, Ungabulali, Ungebi, Ungafakazi amanga, Ungamamuki umuntu utho, Yazisa uyihlo nonyoko.

Kepha wathi kuye, Mfundisi, konke lokhu ngikugcinile kwasebusheni bami.

Wayesethi... UJesu wayesembheka emthanda, wathi kuye, Usasilalelwe into inye: hamba, futhi uthengise ngakho konke onakho, futhi, uphe abampofu, khona uzakuba-namagugu ezulwini: uze, futhi uthathe isiphambano sakho, ungilandele.

Kepha wanyukumala ngalelozwi, wamuka edabukile: ngokuba wayenengebo enkulu.

Futhi kwangathi iNkosi ingabusisa ukufundwa kweZwi laYo.

¹⁵ Manje, sizokhuluma kulobubusuku ngendaba. Ngifuna indikimba yami ibe ngukuthi “Ngilandele,” nendaba yami: *Ubuholi*.

¹⁶ Manje kuyisimanga, kodwa ngicabange ukuthi mhlawumbe, namuhla ekukhulekeni... Futhi sengithathe isikhathi eside, futhi ubusuku ngabunye phansi emgqeni ngqo eMlayezweni enginawo, iNkosi enginike wona ukuba ngikhulume ngawo.

Ngicabange ukuthi kulobubusuku, ngale kulomkhandlu omusha wezikhulu zesonto, ngizowuqhamukela ngesu lokubuka elehlukile. Futhi izikhathi eziningi sikhulumile ngalokhu, sakubiza ngokuthi, “UMbusi Osemncane oyisiCebi.” Na—nabangingi babefundisi lapha, abazalwane bami, akungabazeki bakuqhamukele ngezindlela eziningi ezehlukile. Futhi ngifuna ukuzama ukukuqhamukela nge—ngendlela ehlukele kulobubusuku kunoma ngike ngibe nayo, lena yokuthi *Ubuholi*.

¹⁷ Lokhu, khumbulani lokhu, ukuthi ngamunye wethu, abancane nabadala, isinyathelo sakho sokuqala owake wasenza empilweni yakho, ukhona owadingeka akuhole. Kunjalo. Nesinyathelo sakho sokugcina oyoke usenze, ukhona oyobe ekuhola. Ukhona ozofanele akuhole.

¹⁸ UNkulunkulu usifanise nezimvu. Futhi uma noma ubani azi ngokufuya izimvu nemvelo yemvu, ngani, uyazi ukuthi imvu ingehambe izitholela indlela yayo. Izofanele iholwe. Ngisho nasezibayaneni zokuhlabela, sithola ukuthi baletha imvu lapho futhi iholelwa yimbuzi enhla ekuhlatshweni. Imbuzi iyayihola, bese kuthi uma isifika enhla ekugcineni komsele igxuma iphume, nemvu iqhubeka ngqo ingene ekuhlatshweni. Ngakho zi . . . Sithola ukuthi imvu ingehambe izitholela indlela yayo.

¹⁹ Ngiyasikhumbula isehlakalo engaba naso ngeyodwa, ngesiny’is’khathi. Ngangingumphathi wezinyamazane zikahulumeni eIndiana, futhi ngangikade ngiphandle endle; futhi ngezwa into ethize, ukukhala okudabukisa kakhulu kunakho konke. Futhi kwakuyi—yiwundlu elincane, la—lalilahlekelwe ngunina. Futhi lalingayitholi indlela yalo eya kuye, nomama wayengayitholi indlela yakhe eya e—ewundlwini elincane. Ngamqokula umfo omncane, futhi wacamela kanjani kimi. Ngahamba ngapho, izandla zami ziphethe umfo omncane. Futhi ekhala, futhi—futhi ngamuzwa. Ukuthi wavele nje walithokomalisa kanjani ikhanjana lakhe phansi encike kimi futhi kwabonakala sengathi wayazi ukuthi nga—nga—ngangizomsiza.

²⁰ Ngacabanga, “O Dwala lemiNyaka, ngivulekele, ngiqukulele ezingalweni zeNkosi uJesu, nje ngizenamise njengoba ngazi ukuthi ngi—ngizoya eKhaya ukuba ngibe nabathandekayo bami.” Ngacabanga, “Ekupheleni kohambo lwempilo yami, ngingenise ezingalweni zaKho nje, Nkosi, kanjalo. Ukuthi ngiyazi ngiyothwalwa nguwezwe umfula-ke, lapho ngaphesheya lapho okungayikubakho-zinsizi nezigulo, nezinto, futhi ngiyoba nabathandekayo engibathandile.”

²¹ Futhi uma nizotadisha imvelo, kunento enkulu emvelweni. Yonk’into engi—engiyibukayo, noNkulunkulu uyenzile, UnguMqalisi wemvelo. Imvelo ihamba ngokuqhubeka. Yonke imvelo ithi ayihambe ngokufanayo. Niyaqaphela, yonk’into . . . Njengoba ngishilo, ngikholwa ukuthi izolo kusihlwa, ukuthi

“Imvelo ifakaza ngoNkulunkulu.” Uma ungakaze ube neBhayibheli, ubusayolokhu ubhekisisa imvelo futhi wazi ukuthi leliBhayibheli liyiQiniso.

²² Nga—ngaba nenhlanhla yokujikeleza ngijikeleza umhlaba. Futhi ngifunde imikhakha ehlukeni, futhi ngibone izinkolo ezehlukeni; abakaMohamede, futhi ngifunde iKoran, futhi—futhi ngabona amaSikhs, amaJains, nabakaMohamede, nabakaBuda, nabanye. Kodwa nokho, ngamunye wabo, banokwazi kokudabuka kwezinto ne—ne—ne—nencwadi yezivumokholo nencwadi yemithetho, kanjalonjalo. Kodwa iBhayibheli lethu liyiQiniso, noNkulunkulu wethu nguYena kuphela oqinisele; ngoba ngamunye wabo uzokhomba ithuna ndawondawo lapho umsunguli wabo esalele khona, kodwa ubuKristu bukhomba ithuna elivulekile futhi bungaphila eBukhloneni baLowo owafakwa lapho. Uyaphila! Akusuye uNkulunkulu *owayekhona*, NguNkulunkulu *okhona*. Hhayi ukuthi “*Ngangikhona*” noma “*Ngiyobakhona*,” kodwa “NGIKHONA.”

²³ Yonk’imvelo ihamba ngokuqhubekayo, njengoba ngangishilo, ngikhuluma ngemiNyaka yeBandla (esinazo izincwadi manje eziphumayo). I...Kungani ngi...mayelana nokubhala kwami kwemiNyaka yeBandla. Nokuthi silibona kanjani iBandla, ukuthi Livuthwe kanjani, likhuphuka nje impela njengoba kwenza yonk’imvelo.

²⁴ Futhi sasixoxa ngoluny’usuku ngokuthi ilanga liphuma kanjani ekuseni, liyingane encane, libuthakathaka ngempela, alinamandla angako kulo nhlobo. Futhi lapho usuku luqhubeka, liya ngokuqina kakhulu, liqina kakhulu. Cishe ngelesishiyagalombili nqo lingena esikoleni, njengomfana osemncane noma intombazane esencane. Bese kuthi-ke cishe ngeleshumi nanye nqo seliphumile esikoleni, futhi selilungele ukwenza umsebenzi walo—walo. Bese kuthi-ke ukunqamula kuze kube cishe elesithathu nqo liyashintsha, phakathi nendima yempilo lingene ekugugeni. Bese kuthi-ke life ntambama. Ngabe lokho ngukuphela kwelanga na? Qhabo. Liyabuya ngokusa okulandelayo, ukufakaza ukuthi kukhona ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka. Niyabo? Niyabo?

²⁵ Bhekisisani izihlahla, ukuthi zinyakaza kanjani nokuthi zenzani. Ngesinye isikhathi esedlule ngangisezansi eKentucky, ngi—ngiyathanda ukuzingela izingwejeje, futhi ngehla ngekwindla lonyaka lapho ukuyozingela izingwejeje nomngani wami. Futhi ku...komisa ngempela.

²⁶ Futhi noma ubani owake wazingela ingwejeje empunga, uyazi ukuthi kul’khuni kanjani ukuzinyonyobela. Uma, a—amaqabunga, qhumisa elilodwa nje, futhi, o, uHoudini wayeyingcweti eyimfundamakhwela yokubaleka ku—kulabobafo, ukuthi zibaleka kanjani! Bese kuthi-ke uzama

ukudubula izinhlamvu zeso emayadini angamashumi amahlanu, kuthatha okunye ukuzingela okuhle ukuthola okwakho okuqunyelwe ngosuku.

²⁷ Ngakho, uMnu. Wood, umngani wami, u—uFakazi kaJehova ophendukile, wayenami. Futhi si . . . Wathi, “Ngazi iplazi ngapha lapho okunomuntu onenqwaba ye . . .” Sibabiza lapho ngokuthi, “abampongolazi.”

²⁸ Bangaki abaziyo ukuthi yini *umpongolazi* na? Awu, iyiphi ingxenye yaseKentucky enikuyo, empeleni na? Niyabo? Futhi ngingowalapho-ke.

²⁹ Njengalapha komunye womkhandlu wezikhulu zesonto, kungekudala; ngifanele ngikusho lokhu kuMfowethu Williams nabo, abazalwane. Bathi, “Manje sizoma futhi sicule iculo lesizwe—iculo lesizwe.”

³⁰ Ngase ngithi, “*Ngekhhaya lami elidala laseKentucky.*” Ngakho akukho-muntu owajoyina kulo nami, ngakho . . . Lelo kwakuyilona-culo lesizwe kuphela engangilazi. Futhi ngakho sasi—sasi manje . . .

³¹ Kulungile, mnumzane. [UMfowethu Branham unikezwa inothi—Umhl.]: “Siza ube nomkhuleko, wenenekazi phakathi lapha manje lapha ekhaleni.”

Asikhuleke:

³² Nkulunkulu othandekayo, ngiyaKucela, Nkosi, Wena ungu—nguMphilisi omkhulu futhi ngicela ukuthi umusa waKho nesihawu kuzothinta lona wesifazane othandekayo njengamanje futhi kunqamule lelogazi. Njengabantu abakholwayo ababuthene ndawonye, inenekazi lize lapha ukuthokozela iZwi leNkosi nenhlanganyelo yabantu, futhi ngiyaKucela, Nkosi, njengamanje, ukuba ukhuze isitha futhi nqamule igazi. EGameni likaJesu Kristu. Amen. (Futhi siyakukholwa, siyakukholwa).

³³ Ngiqhubeke nendaba encane ukuthi nje ukuthola umuzwa ngaphambi kokuba shelele ngqo emanothini ambalwa enginawo abhalwe lapha, nomunye umBhalo.

³⁴ Manje wathi, “Awu, lendoda endala, sizowela futhi siyibone. Inenqwaba yabampongolazi endaweni yayo,” wathi, “kodwa ingumphikinkolo.” Wathi, “Uma . . . Ivele nje ithi ayisiqalekise uma siye laphaya.”

³⁵ Ngathi, “Kodwa asitholi-zingwejeje lapha. Kade sikhempe amaviki amane.” Futhi sasingcolile, nentshebe yonke imahliphiliphi ebusweni.

³⁶ Wayesethi, “Awu?”

Ngathi, “Asiwele.”

³⁷ Ngakho sehla amamayela ambalwa, cishe amamayela angamashumi amabili. Ngangikade ngike ngabakhona

ezweni ezansi lapho kanye ngaphambili, ubusuku obuthathu, enkundleni yokukhempa yamaMethodisti lapho okwakukade kukhona ezinye izinto ezinkulu iNkosi eyayizenzile, nenkonzo enkulu yokuphilisa phakathi kwabantu bamaMethodisti. Saseke siya emuva le phezu kwamanye amagquma nabampongolozisi namabriji. Futhi ufanele nje uyazi iKentucky ukuba ukwazi, ukuthi hlobo luni lwendawo owawufanele ungene kulo. Futhi sisabuyela lapho sifika endlini, futhi lapho kuhlezi indoda endala, amadoda amabili amadala, ehlezi phandle lapho nezigqoko ezindala ziyacazela zibheke phansi phezu kobuso bawo, futhi—futhi wathi, “Nanso,” wathi, “ingeyisidlakela.” Wathi, “Iyalizonda lelogama lo ‘mshumayeli,’” washo.

³⁸ Ngakho ngathi, “Awu, kungcono ngihlale emotweni, kungenjalo asizukukuthola nhlobo ukuzingela.” Ngathi, “Ngena bese umcela ukuthi singazingela yini.”

³⁹ Ngakho waphuma wayeseqala ukuyongena, wakhuluma kuwo. Futhi eKentucky, njalo, niyazi, kungukuthi “ngena,” kanjalonjalo. Futhi ngakho wenyukela lapho wayesethi, “Angazi nje noma besingazingela yini isikhashana endaweni yakho.”

⁴⁰ Indoda endala ihlezi lapho, cishe ineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, ugwayi wehla emlonyeni wayo, yathi. . . iphimisa, yayisithi, “Ungubani igama lakho?”

Wathi, “Igama lami nginguWood.”

Wathi, “Ngabe unakho ukuhlobana nendoda endala uJim owake wahlala. . .”

Wathi, “Ya, ngingumfana kaJim.” Wathi, “NginguBanks. Ya.”

⁴¹ “Awu,” yathi, “indoda endala uJim wayeyindoda eqotho.” Yathi, “Impela, zisize.” Yathi—yathi, “Uhamba wedwa?”

Wathi, “Qhabo, umelusi wami uphandle lapho.”

Yathi, “Ini?”

Wathi, “Umelusi wami uphandle emotweni,” wathi, “uzingela nami.”

⁴² Yathi, “Wood, awuqondile ukuthi usuzehlise ngangokuthi usuze uthathe nomshumayeli noma uyaphi?”

⁴³ Ngakho inesankahlu, isimilo esidala, ngakho ngacabanga ukuthi kungcono ngiphume emotweni, niyazi. Ngakho ngaphuma ngase ngihambahamba, yayisithi, “Awu, futhi ungumshumayeli, hhe?”

⁴⁴ Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Yangibuka phansi-phezulu; igazi lezingwejeje, nokungcola. Yathi—yathi. . . ngathi, “Akubukeki kufana kakhulu nakho.”

⁴⁵ Yathi, “Awu, ngithi nje ukukuthanda lokho.” Yathi, “Uyazi, kukhona engifuna ukukuthshela khona.” Yathi, “Ngifanele ukuba ngumphikinkolo!”

46 Ngathi, “Yebo, mnumzane, ngikuqondile lokho.” Ngathi, “Angicabangi ukuthi kukhulu ukuqhosha ngakho, nokho. Uyacabanga na?”

47 Yathi, “Awu,” yathi, “Angazi.” Yathi, “Ngizokutshela ukuthi ngicabangani ngani bafo.”

Ngathi, “Kulungile.”

48 Yathi, “Nikhonkotha phezulu esihlahleni esingesiso.” Futhi bangaki owaziyo ukuthi lokho kusho ukuthini na? Niyabo? Kusho ukuthi yinja enamanga, niyabo; isilwane igqalashu asikho enhla lapho nhlobo, niyabo. Yathi, “Nikhonkotha phezulu esihlahleni esingesiso.”

Ngathi, “Lokho kusekucabangeni.”

49 Yayisithi, “Awu,” yathi, “buka, uyawubona lowoshimula omdala omi phezulu lapho na?”

“Yebo.”

50 “Ngazalelwa phezulu lapho, eminyakeni engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eyedlula.” Yayisithi, “Ngihlale khona lapha kulamagquma, macala onke, yonke leminyaka.” Yayisithi, “Ngibuke ngasezibhakabhakeni, ngibuke lapha nalaphaya, futhi, impela, kuyo yonke leminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, bengiyobona into ethize eyayibukeka njengoNkulunkulu. Ubungacabangi kanjalo na?”

51 Ngathi, “Awu, kuya ngokuthi ubukani, uyabo, noma ucingani.”

52 Yayisithi, “Awu,” yathi, “Impela a—angikholwa ukuthi kukhona okuthiwa ngumdali. Futhi ngikholwa ukuthi nina bafo kalula nje niyaphuma bese niwaka abantu emalini yabo nayo yonk’into. Futhi yile yondlela okuhamba ngayo.”

53 Ngathi, “Awu, uyisakhamuzi saseMelika, unelungelo ekucabangeni kwakho uqobo—uqobo.”

54 Yathi, “Kunomfo oyedwa, ngesinye isikhathi, engezwa ngaye,” yathi, “impela obeyo...Uma e...Uma bengingake ngize ngikhulume naye lowomfo,” yathi “Ngingathanda uku—ukumba naye imibuzo embalwa.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

55 Yathi, “Kwakungumshumayeli, ungahle umazi.” Yathi, “Wayenomhlangano enhla lapha eCampbellsville, kungekudala, egcekeni lendlu yokukhonzela enhla lapho, inkundla yekhempu.” Yayisithi, “Ngiyalikhohlwa igama lakhe.” Yathi, “Ungowase Indiana.”

Futhi—futhi ngathi, “O? Yebo, mnumzane.”

56 NoMfowethu Wood waqala ukuthi, “Awu, ngi...” (“Ungakusho lokho.”) Futhi ngakho yathi...

Ngathi, “Kunjani ngaye?”

⁵⁷ Yathi, “Awu,” yathi, “inenekazi elidala . . .” (omuny’umuntu) “phezulu lapho egqumeni . . .” Yathi, “Uyazi, lalibulawa ngumdlavuza.” Yayisithi, “Unkosikazi nami sasenyukela lapho ekuseni uku—ukushintsha umbhede walo.” Yathi, “Babengakwazi ngisho nokuliphakamisela phezulu ngokwenele ukuba balibeke epoweni,” yathi, “babefanele nje badonse ishidi elimuncayo.” Yayisithi, “Lalifa. Lalikade liye eLouisville, futhi lathi odokotela base belidelile futhi bathi lali ‘zofa.’”

⁵⁸ “Nodadewabo wenyukela kulowomhlangano, yayisithi, ‘Lowomshumayeli wayemi enhla lapho emsamo, wabuka emuva phezu kwezithameli wayesebiza lona wesifazane ngegama, wayesemtshela, “Esehamba, wathatha iduku wayeselifaka esikhwameni sakhe—sakhe semali.” Wayesebiza leligama lowesifazane ezansi lapha, amamayela angamashumi amabili ngezansi kwalapha, wayesesho ukuthi wayephethwe kanjani ngumdlavuza, ukuthi wayengubani igama lakhe, nakho konke ayedlule kukho; wathi, “Thatha leloduku bese uyolibeka phezu kowesifazane,” wayesesho ukuthi “owesifazane uzophiliswa emdlavuzeni wakhe.””

⁵⁹ Yayisithi, “Behlela lapha ngalobobusuku.” Yathi, “Qiniso, ngezwa ukudazuluka okwesabeka kunakho konke enhla lapho. Ngacabanga ukuthi babene Salvation Army ededelwe esiqongweni segquma phezulu lapho. Yathi, ‘Awu,’ ngathi, ‘Ngigagele udade omdala usefile.’ Yathi, ‘Sizo . . . Kusasa sizohamba silande inqola, nokuthi simkhiphela kanjani emgwaqeni omkhulu,’ yayisithi, ‘ukuze bakwazi ukumyisa kumngcwabi.’ Yayisithi i . . . Salinda. Asikho isidingo sokwenyuka ngalesosikhathi sobusuku.” Yathi, “Kuthi akube yimayela phezulu egqumeni lapha.” Yathi, “Senyukela lapho ngokusa okulandelayo, futhi uyazi ukuthi kwenzekani?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

⁶⁰ Yathi, “Wayehlezi lapho edla ophaya bama apula abathosiwe, futhi ephuza ikhofi, nomyeni wakhe.”

Ngathi, “Uqonde lokho?”

Yathi, “Yebo, mnumzane.”

“O!” Ngathi, “Manje, mnumzane, awuqondile ngempela lokho.”

⁶¹ Yathi, “Okungikhathazayo yilokho oku . . . yakwenza kanjani leyondoda, futhi ingakaze ibe kulelizwe, futhi ikwazi lokho.” Niyabo?

Ngase ngithi, “O, awukukholwa lokho.”

Yathi, “Yiqiniso.”

Ngathi, “Uyakukholwa lokho na?” Niyabo?

⁶² Ya—yathi, “Awu, senyukela lapho egqumeni, ngingakufakazisa kuwe.” Isibuye ishumayela kimi manje, niyabo.

63 Ngakho nga—ngathi, “Mm-mm.” Ngacoshia iapula, nga—ngase ngithi, “Ngingalithatha elinye lalawa ama apula na?” Ngase ngilesulela ezingutsheni zami.

64 Yathi, “Awu, amayelo jakethe awadla ayawaqeda, ngiqagele ungalithatha elilodwa.” Kwase kuthi-ke. . . Futhi manje ngathi, “Awu, . . .” Nga—ngaluma. . . ngaliluma, Ngase ngithi, “Lelo yi apula elihle.”

65 Yathi, “O, yebo.” Yathi, “Uyazi ukuthini? Ngasitshala lesosihlahla lapho, o, eminyakeni engamashumi amane edlule, noma into efana naleyo.”

Ngathi, “O, kunjalo na?”

“Yebo, mnumzane.”

66 Ngase ngithi, “Awu, futhi njalo ngonyaka. . .” Ngathi, “Ngiyaqaphela asikabi naso isithwathwa, kusesekuqaleni kukaAgasti.” Ngase ngithi, “Lawomaqabunga awa ezihlahleni.”

67 “Yebo, mnumzane. Kunjalo, siza ekwindla. Kholwa ukuthi sizoba nesasekuqaleni ngalesisikhathi.”

68 Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngashintsha indaba, niyabo. Yayisithi. . . Ngathi, “Awu, uyazi, kuyisimanga,” ngathi, “ukuthi lawomanzi esihlahleni aphuma kanjani kulesosihlahla.” Ngathi, “Nalawomaqabunga liyawohloka, futhi nokho akukho. . . be—bezingakabi naso isithwathwa ukubulala iqabunga.”

69 Yayisithi, “Awu,” yathi, “lokho kuhlangene ngani nalokho esikhuluma ngakho na?”

70 Ngase ngithi, “Awu, ngi—ngiyamangala nje.” (Uyazi, umama njalo wayethi, “Nika inkomazi intambo eyenele futhi izozilengisa yona, uyazi.” Ngakho nje ngiyinika inqwaba yentambo.)

71 Ngakho yaqhubeka yaphuma, yayisithi, “Awu, yebo, lokho kuhlangene ngani nakho na?”

72 Ngathi, “Uyazi, uNkulunkulu wenyusa lawoma apula, nawe uyawajabulela lawoma apula namaqabunga, futhi wahlala e—ethunzini kanjalonjalo. Ayehla ekwindla lonyaka futhi,” ngathi, “ayabuya enyuke futhi nama apula nanamaqabunga futhi.”

73 Yayisithi, “O, leyo yimvelo nje. Uyabo, leyo yimvelo nje.”

74 Ngathi, “Awu, kusobala, leyo yimvelo.” Ngathi, “Leyo yimvelo, kodwa Ukhona ozofanele alawule imvelo.” Niyabo, ngi. . . yathi. . . “Ngitshela manje yini eyenza lokho na?”

75 Yayisithi, “Awu, nje yi—nje ngokwemvelo yimvelo.”

76 Ngathi, “Ubani lo osho kuleloqabunga elincane manje, ne. . .?” Ngathi, “Manje, isizathu leloqabunga liwohloka, yingoba amanzi esihlahla ehlela empandeni. Futhi uma-ke lawomanzi esihlahla ehlele phezulu esihlahleni sonke isikhathi sasebusika na? Bekungenzekani na?”

77 Yathi, “Abengasibulala isihlahla.”

78 “Awu,” ngathi, “manje, buhlakani buni obehliisa lawomanzi esihlahla ayongena ezimpandeni, ubuthi, ‘Phuma lapha manje, sekuba yikwindla lonyaka, yehlela ezimpandeni futhi ucashe?’ Futhi ahlale phansi ezimpandeni njengethuna; bese kuthi-ke ngentwasahlobo elandelayo abuye enyuke futhi, enyuse amanye futhi ama apula, futhi enyuse amanye futhi amaqabunga nezinto.”

79 Yathi, “Leyo yimvelo nje, iyokwenza.” Yathi, “Isimo sezulu! Ukushintsha, uyazi, ikwindla elifikayo.”

80 Ngathi, “Beka ibhakede lamanzi esigxotsheni phandle lapho, bese ubona ukuthi imvelo iyawehlisela yini phansi ekugcineni kwesigxobo bese ibuye iwenyuse futhi. Uyabo?” Niyabo?

“Awu,” yathi, “ungahle ube nento ethize.”

Ngathi, “Cabanga ngakho ngenkathi sisayozingela.”

Yayisithi, “Awu,” yayisithi, “zingelani lapho enifuna khona.”

81 Ngase ngithi, “Uma sengibuya, uma uzongitshela ukuthi buhlakani buni obuhambisa lawomanzi esihlahla aphume kulesosihlahla ehlele ezimpandeni, ukuba ahlale ubusika bonke bese ebuya ngobusika obulandelayo, ngizokutshela ukuthi lobo Ngubuhlakani obufanayo obangitshela ngalowo wesifazane phezulu lapho.”

Yathi, “Batshela wena?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Yathi, “Awusuye lowomshumayeli!”

Ngathi, “Ungalazi igama lakhe na?”

Yathi, “Yebo.”

Ngathi, “UBranham?”

Yathi, “Yilowo-ke.”

Ngathi, “Ku—kunjalo.” Niyabo?

82 Futhi niyazi ukuthini? Ngayiholela kuKristu indoda endala, khona lapho ebufakazini bayo uqobo.

83 Futhi sekungunyaka kamuva ngangisezansi lapho futhi ngadonsa imoto (inelayisense yase Indiana kuyo) egcekeni. Base bathutha, yayisifile. Futhi ngakho ngenkathi ngibuya, nakho kwakumi umkayo kuthi impela akangihlokoze; ngangicabanga ukuthi nganginemvume yokuzingela. Futhi uphuma lapho, wathi, “Awukwazi ukufunda na?”

84 Ngathi, “Yebo, mem.” Wathi, “Uzibonile lezozimpawu zithi ‘AkuZingelwa!’?”

85 Ngathi, “Yebo, mem, kodwa” ngathi, “Ngi—nginemvume.”

⁸⁶ “Awunamvume!” washo. Wayesethi, “Sathola lendawo—ndawo ifakwe izigxobo iminyaka eminingi.”

⁸⁷ Ngathi, “Awu, dade, ngi—ngibe nephutha-ke, ngiyaxolisa.”

⁸⁸ Wayesethi, “Awuxolisi lutho! Leyo ilayisense yase Indiana ilapho, futhi uhlezi phezulu lapha, ningabantu abanesibindi kunabo bonke!”

Ngathi, “Ngingakuchaza na?” Ngathi . . .

Wathi, “Ubani okunika imvume?”

⁸⁹ Ngathi, “Angazi nje. . .” Ngathi, “Kwakuyindoda eyayisikhulile ihlezi phandle lapho egosini, ngenkathi ngisezansi lapha ngonyaka odlule, futhi sasikhuluma ngoNkulunkulu.” Niyabo?

Wayesebuka, wathi, “UnguMfowethu Branham na?”

Ngase ngithi, “Yebo, mem.”

⁹⁰ Wathi, “Ngithethelele. Bengingazi ukuthi ubungubani.” Wathi, “Ngifuna ukukutshela ubufakazi bayo. Amahora ayo okugcina okufa, yaphakamisa izandla zayo futhi yadumisa uNkulunkulu.” Wathi, “Yafela ekukholweni kwamaKristu, futhi yathwalwa yayiswa kuNkulunkulu.” Niyabo?

⁹¹ “Uma bethula, amadwala masinya ayakumemeza.” Kunento ethize emvelweni.

⁹² Bhekisisani izinyoni, bhekisisani izilwane, bhekisisani yonk’into, futhi bhekisisani imvelo.

⁹³ Bhekisisani ijuba elincane ukuthi lindiza kanjani. Ukuthi liyinyoni ehluke kanjani, niyabo. A—alinanyongo, alikwazi ukudla njengoba kungadla igwababa. Niyabo? Alinanyongo kulo. Alidingi ukuba ligeze umzimba e—e—emanzini, ngoba linto ethize ngaphakathi kulo; iyalihlanza kusukela ngaphakathi kuphumele ngaphandle, niyabo.

⁹⁴ Yileyondlela umKristu ayiyo. Yileyondlela uNkulunkulu azimela ngayo Yena uqobo, e—e—ejubeni. Niyabo, ngoba. . . ne. . . uJesu wamelwa njengeWundlu. Njalo emvelweni uyothola uNkulunkulu. NoNkulunkulu wasifanisa nemvu ezofanele iholwe. Senake naqaphela lapho, ngashumayela intshumayelo ngakho ngesinye isikhathi esedlule na? Ukuthi iJuba lehlela eWundlwini, ukuhola iWundlu, futhi LaLiholeda ekuhlathshweni. I—i—iJuba! Manje, uma leloWundlu. . . LeloJuba lalingehlele phezu kwanoma yiluphi olunye uhlobo lwesilwane, ngoba zombili zazifanele zibe ngezemvelo efanayo. Niyabo? Ukuba iJuba lahlele phezu kwempisi, futhi yayiyothimula noma ibhavumule, iJuba laliyosuka Lindize.

⁹⁵ Awu, leyo yindlela efanayo manje. Nezindlela zethu ezimbi, uMoya oNgcwele uvele Usuke undize nje futhi umuke. Uzofanele ube nemvelo efanayo. Inyoni yamaZulu, ijuba; isilwane esimnene kunazo zonke emhlabeni, iwundlu; zingavumelana ndawonye.

Futhi uma uMoya oNgcwele wehlela phezu kwethu futhi usenze izidalwa ezintsha, khona-ke Ungasihola. Kodwa sizama ukuphila impilo endala efanayo, angeke isebenze! Ingeke nje isebenze.

⁹⁶ Manje, isinyathelo sokuqala mhlawumbe oke wasithatha empilweni yakho, sikhuluma ngobuholi, mhlawumbe izandla zomunye *umama* omdala onomusa. Lezozandla zingahle ukuba zisekhona kulobubusuku, phandle lapha kwamanye amangewaba ndawondawo, kodwa lesi kwakuyisandla esakubambayo ukuba wenze isinyathelo sakho sokuqala.

⁹⁷ Kwase kuthi emva kokuba umama esekufundise ukuthi kuhanjwa kanjani, futhi wawenza izinyathelo ezimbalwa bese uwa phansi, bese usukuma, futhi wawucabanga ukuthi wawenza izinto ezinkulu, wayesekuphendulela *kuthisha wesikole*. Bese kuthi-ke useqala ukukuholela emfundweni; yokuthi kanjani nokuthi ufanele wenzeni, nokuthi ufanele ufunde kanjani, no—nokunye kanjalo.

⁹⁸ Kwase kuthi emva kokuba uthisha wesikole eseqedile ngawe, wase ubuyela emuva, *ubaba* wakho wakuthola. Kwase kuthi-ke ngenkathi ubaba wakho esekutholile, wakufundisa mhlampe ibhizinisi lakho; ukuthi uba kanjani ngusomabhizinisi ophumelelayo, ukuthi zenziwa kanjani izinto kahle. Umama wakho wakufundisa ukuthi uba kanjai ngu—ngunkosikazi womuzi, ukuthi kuphekwa kanjani, nokunye kanjalo.

⁹⁹ Kwase kuthi emva kokuba sebeqedile ngawe, kwase kuthi *umfundisi* wakho noma *umpristi* wakuthola.

¹⁰⁰ Kodwa *manje* ubani okuholayo na? Yilowo umbuzo manje. Manje, sonke siholwa yinto ethize kulobubusuku. Sifanele. Siyaholwa. Qaphelani!

¹⁰¹ Manje ake sibuke okwalomfo osemncane... okwakumthonyile. Ake sibuke i... losomabhizinisi osemncane sizombiza kanjalo, ngoba wayengusomabhizinisi. Wayeyindoda ephumelela kakhulu. Ake sibuke abaholi bakhe.

¹⁰² Mhlampe, kuqala, umama wakhe wayemfundisile njengomfana omncane izinto ayefanele azenze. Ubaba wakhe wayemenze impumelelo enhle ngempela, futhi mhlawumbe wamshiyela i—wamshiyela ifa, ngoba wayengumbusi qobo lwakhe; mhlampe ubaba wakhe wayesashona, ngakho wayengu—ngusomabhizinisi. Wayeyi... Ake simbize, namhlanje, njengosomabhizinisi ongumKristu; noma, wayengusomabhizinisi okholwayo, ngicabanga ukuthi kungaba yisicaphuno esedlula zonke.

¹⁰³ Lendoda yayingekholwayo, yayingesuye nhlobo umphikinkolo. Futhi yayifundiswe ngumama wayo ukuthi yenze kanjani kahle, ukuthi ihambe kanjani, ukuthi izigqokise kanjani. Yayifundiswe ngubaba wayo, ibhizinisi elikhulu, nokuthi ibe kanjani yindoda ephumelelayo; nebhizinisi layo

laliphumelela. Nobaba nomama babekhulele ebandleni, futhi babeyikhombe kumpri. Nompri wayeyenze indoda ekholwayo ngempela. Ngakho-ke yayiyindoda ephucuke kahle, yayingumfana okahle nesimilo esihle.

¹⁰⁴ Uma uJesu Kristu ayibuka futhi wayithanda, kwakukhona okuthize ngomfana okwakungokwangempela. Kunjalo. Ngokuba iBhayibheli lasho lapha, siyathola kuMarku, “Futhi uJesu embheka, wamthanda.” Ya, “UJesu embheka, wamthanda.” Ngakho ngakho-ke kufanele kube nokuthize kwangempela okugqamile ngalomfo osemncane. Wayeyi... wayenesimilo esihle, nesilinganiso sesimilo esihle. Wayeyindoda eyakhuliswa kahle; ehlakaniphile, esmati, ekhaliphile, ephumelela ebhizinisini, nendoda ekholwayo. Wayenenqwaba yezimilo zezimo ezinhle okwakugqamile, ngangokuthi kwaheha ukunaka kukaJesu Kristu uMsindisi. Kodwa ngenkathi kubhekwana naye, engophumelelayo kuzo zonke lezi ezinye izinto...

¹⁰⁵ Akukho okwakuhambe kabi; wayesikwe ngokuphelele kahle, ekalwe kahle, ehlakaniphile, enemfundo ekahle, impumelelo yakhe, wayesmati, usomabhizinisi okahle, mhlawumbe wayengoweqembu losomabhizinisi ndawondawo lapho ePalatine. Angahle ukuba wayengowenhlanganyelo yosomabhizinisi njengoba sinayo lapha kulobubusuku, akumangalisi wayengowayo, ngoba usomabhizinisi wayehlala njalo enezinhlanganyelo nomunye, omunye nomunye.

¹⁰⁶ Isizathu njenge “zinyoni zohlobo olulodwa” nje, banezinto abaxoxa ngazo. Futhi uma lokhu... Amadoda akholwayo, awafuni ukuxoxa ngendoda ephethe ebhareneni ne... onke ndawonye, ngoba awanalutho ahlanganyela kulo. Sifanele sibe nezinto esihlanganyela kuzo. Ngakho amaKristu anezinto ahlanganyela kuzo namaKristu; izoni sinezinto ezihlanganyela kuzo ne—nezoni; ne—nezinhlangano zemiphakathi, noma ngabe bayini, banezinto abahlanganyela kuzo. Nalomfana osemncane mhlawumbe wayengowe—wenhlanganyelo yosomabhizinisi.

¹⁰⁷ Futhi wayekholwa ngakho konke, ngoba uJesu, ekumbuzeni lapha, wathi, “Ngiyigcinile yonke lemiyalelo, ngayigcina kwasebusheni bami.” Kunjalo.

¹⁰⁸ Niyabo, wayekhuliswe kahle, wafundiswa kahle, nayo yonk'into. Kodwa ngenkathi ebhekana nom—mcabango wokuPhila okuPhakade... Manje ngifuna niqaphele, naso sonke lesisimilo ayenaso, wayazi nokho wayengenakho ukuPhila okuPhakade.

¹⁰⁹ Manje, zonke ezezinhlangano zethu zemiphakathi, ibandla lethu, ubulunga bethu nezinto esizithatha njengegugu kakhulu, izinhlangano zethu zemiphakathi yaseMelika, nayo yonk'into, inhle kakhulu, akukho lutho olufanele lushiwo olumelana nalokho. Nenzinhlangano yethu yomphakathi woSomaBhizinisi

abangamaKristu lapha, iyinto enkulu, ibe ngumnyango ovulelwe mina ukuba . . . emicabangweni yami engakhethi-hlelo yokuthi “singamaKristu.”

¹¹⁰ Akukho-muntu (akukho nelilodwa ihlelo) elingasibiza ngabalo, umKristu wangempela, ngoba ningabakaNkulunkulu. Amahlelo angawenziwe ngumuntu, nobuKristu bungobuthunywe eZulwini. Kodwa kuzo zonke lezizinto esinazo, zizihle zinjalo, kukuhle kunjalo sibuthana ndawonye, futhi sinemihlangano emihle injalo, nokuqonda inhlalakahle esinakho, nokho ngamunye sibhekana noku*Phila* oku*Phakade*. Futhi akunandaba ukuthi besiphumelela kanjani ebhizinisini, ukuthi besiphumelela kanjani, nokuthi siyilunga lebandla elikhulu kanjani, nokuthi sisebenza kanjani, ukuthi sizama kanjani ukwenza okufaneleyo, noma kunjalo, uma kungenziwa ngendlela efaneleyo, kungukukhonzwa kukaNkulunkulu ngeze.

¹¹¹ UJesu wakubhanqa lokho ngendlela efanayo, njengoba ngima lapha umzuzwana. Wathi, “NiNgikhonza ngeze, nifundisa izifundiso eziyimiyalo yomuntu.” Manje cabangani! Okuqotho, ukukhonza okwethembekile (ngobuqotho benhliziyo yakho) kuNkulunkulu, futhi kube kusalokhu kuyize! Kwaqala ngaleyondlela ngoKayini, ensimini yase-Edene. Ukukhonza okuqotho, kodwa kwenqatshwa! Ekholwa impela, kwakusalokhu kwenqatshiwe!

¹¹² EShreveport ngeviki eledlule, ngeviki eliphambi kweledlule, emhlanganweni waMadoda angosomaBhizinisi, ukudla kwasekuseni lapha lapho amakhulu amaningana abantu ayekade ebuthene khona, ngathatha amahora amabili nohrafu ukuba ngikhulume ngokuthi: *Ukwenzela UNkulunkulu INkonzo KungengaNtando kaNkulunkulu*. Manje, lokho kuzwakala kuyisimanga, kodwa sifanele sizifake thina emgudwini emgudwini ohlinzekwe nguNkulunkulu nendlela kaNkulunkulu yokukwenza. Akunandaba ukuthi sicabanga kangakanani ukuthi kuqinisile, kufanele kuhambisane neZwi leNkosi kungenjalo kuyize. UKayini wakhonza, kodwa kwakungahambisani neZwi leNkosi. AbaFarisi bakhonza, kodwa kungahambisani neZwi leNkosi. Futhi kulomlayezo othize koSomaBhizinisi, ngafundisa lokhu.

¹¹³ UDavide, wayefuna ukwenzela iNkosi inkonzo, futhi wayeqinisile kulokho akusho. Wathi, “Kulungile yini ukuba umphongolo weNkosi ube sezansi lapho na? Asiwenyusele lapha.” Ngezinsuku zenkosi, enye inkosi yaphumelela. Wathi, “Akulungile. Abazange belulekane neNkosi, kodwa sifanele sikwenze.” Manje, lokho kuqinisile, ababefanele bakwenze. Wathi, “Sifanele silande umphongolo, futhi singelulekana neNkosi.” Nalokho kuqinisile, wawusezansi kweliny’izwe. Wathi, “Sifanele siwenyusele lapha. Wenuseleni lapha bese niwufaka endlini yethu lapha, bese sikhonza iNkosi.”

¹¹⁴ Manje qaphelani wahamba ngomgudu ongafanele ukuba ayenze. Welulekana nezinduna zamashumi amahlanu nezamakhulu nezezinkulungwane. Bonke kwelulekwana nazo, zonke. Lokhu kwakuyintando yeNkosi, kwakubukeka kanjalo, noma kwakuyi—yiZwi leNkosi.

¹¹⁵ IZwi leNkosi, ngeziny'izikhathi, ufanele uLifake endaweni yaLo efanele kungenjalo akusiyo iNtando yeNkosi. Niyabo? Manje lokho akucwile kujule futhi nizothola u—umcabango ovamile walokho engizama ukukusho.

¹¹⁶ Angifuni ibandla liwele ezinyathelweni enazithola laphaya eNgilandi: izinwele ezinde, namadoda apende ubuso, naphendukezelayo. Asikufuni lokho! Akunandaba ukuthi kuzwakala kunokukholwa kanjani, nokuthi uElvis Presley angawacula kanjani amaculo okholo, usalokhu engudeveli. Futhi angisuye umehluleli, kodwa “Nibazi ngezithelo zabo.” Niyabo? UyiPhentekoste, kodwa lokho akwenzi nomncu umehluko. Niyabo, izithelo zakho ziyakufakaza oyikho.

¹¹⁷ Akunandaba uma uMoya ufika phezu kwakhe, wayengakhuluma ngezilimi, wayengamemeza, wayengaphilisa abagulayo, futhi uJesu wathi, “Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, ‘Nkosi, angenzanga yini *lokhu* na *lokho* na?’ Futhi Ngiyothi, ‘Sukani kiMi, nina enenza okubi, Angizange ngize nginazi.’” Niyabo?

¹¹⁸ Sifanele sibe ngawangempela, amaKristu angokoqobo, nendlela kuphela esingenza ngayo lokho ngukubhekana nakho nalombuzo lapha othi “ukuPhila okuPhakade.”

¹¹⁹ Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, naleso sivela kuNkulunkulu. Futhi Wasazi phakade sonke isidalwa esiyoke sibe naKho. Njengoba nje nawe wawuyimbewana ephuma okhalweni lukayihlo, wawuyimbewana ephuma okhalweni kuNkulunkulu; enye yezingxenye zaKhe ezingehlukaniseki kwasekuqaleni nje, kungenjalo awusoze waba Lapho. Uphuma emhlabathini wokukhulela imbewu kanyoko; uyihlo wayengakwazi, wawusezinkalweni zakhe. Futhi ngenkathi uphuma emhlabathini wokukhulela imbewu kamama, khona-ke uba yisidalwa esingumuntu futhi wenziwa ngomfanekiso kayihlo, manje ungahlanganyela naye. Nento efanayo ngoNkulunkulu, uma unokuPhila okuPhakade.

¹²⁰ Ukuphila ongena kukho, ukuphila kwemvelo, ukuphila komzimba, lokho kwakungoyihlo. Nendlela kuphela ongafika uzalwe ngokusha ngayo, yiyona ndlela kuphela, ngukuthi kuzofanele kuvele kuBaba wakho waseZulwini, isici saKhe semvelo. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi.” Niyabo?

¹²¹ Ulapha ngenxa yokuthi igama lakho lafakwa eNewadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokuba kuze kube khona ngisho nokusekelwa kwezwe. Kunjalo impela. Uyimbewana

ephuma okhalweni, imbewana yokomoya ephuma okhalweni kuBaba waseZulwini, ingxenye yeZwi likaNkulunkulu. Lokho kuba kanjalo, njengoba ngishilo, ngaleyonkathi naninoJesu ngenkathi Wayelapha ngoba *WayeyiZwi*: nahlupheka naYe, nafa naYe, nembelwa naYe, futhi navuka naYe, futhi manje nihlezi ezindaweni zaseZulwini *kuYe!*

¹²² Qaphelani, uDavide wayecabanga ukuthi yonk'into yayihamba kahle, futhi welulekana nabo bonke lababantu, futhi bonke baqala ukusina nokumemeza nokudazuluka. Babenakho konke ukunyakaza kwabo kwezenkolo okwakukhona, kodwa kwakuselokhu kungesiyo intando kaNkulunkulu ukwehla nokubuyisela iZwi likaNkulunkulu endlini kaNkulunkulu. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu njalo (kuyo yonke iminyaka) usebenza ngendlela eyodwa. Isinqumo saKhe sokuqala siyisona sinqumo kuphela, ngoba Uphelile ezinqumweni zaKhe. Akenzi lutho neze Engakwembuli kuqala ezincekwini zaKhe, abaprofethi. Kunjalo impela.

¹²³ Yingakho lona, unyaka webandla esiphila kuwo. Akukho-bandla, akukho-Methodisti, Baptisti, maPhentekoste, kumbe noma yini enye, engake ize ifake leliBandla kuMlobokazi. Kuyofanele kube ngukuphendulwa kukaMalaki 4, ukuba uNkulunkulu athume umprofethi ukuba embulwe kuye, ngoba yileyo ndlela kuphela. Amabandla ethu ayahlela futhi aphose into enxovanxoveni nesiminyamina, njengoba nje kade eyikho, noNkulunkulu njalo uthuma abaprofethi.

¹²⁴ Futhi kwakukhona uNathani emi ezweni, umprofethi oqinisekisiwe phambi kukaNkulunkulu, futhi akuzange kwelulekwane ngisho nanaye.

¹²⁵ Futhi behlela lapho futhi babangela impilo yendoda eqotho, kanjalonjalo, futhi yathatha umphongolo. Esikhundleni sokuwubeka emahlombe abaLevi, ukuwuthwala, bawubeka enqoleni ukuwuthwala. Okuxoveke ngakho konke!

¹²⁶ Niyabo, uma unгахambi ngokwe—kwentando kaNkulunkulu, nendlela uNkulunkulu asinike ukuba sihambe ngayo, njalo bayaLixova futhi baLichezukisele kwenye inhlango, ihlelo, omunye umlayezo, futhi nakho lapho okhona. Niyabo? Bekuhlala njalo kwenziwa ngaleyondlela.

¹²⁷ Leyo yinto efanayo lomfana abhekana nayo. Uyangena; wayekade eyi—yi—yilunga mhlawumbe labaFarisi noma abaSadusi, noma olunye uhlelo olukhulu lwangalolosuku. Wayengokholwayo ngakho konke. Wathi, “Ngiyigcinile lemiyalelo engiyifundisiwe, kwasebusheni bami.” Niyabo? NoJesu wamthanda ngakho. Kodwa wala ukuqondiswa, wala ukwemukela ubuholi bangempela bukaJesu Kristu ukumnika ukuPhila okuPhakade.

128 Qaphelani, wakholwa ukuthi kwakukhona into ethize ehlukile kunaleyo ayenayo, kungenjalo wayengeke neze athi, “Mfundisi omuhle, ngingenzenjani manje na?”

129 Niyabo, wayefuna ukuzenzela into ethize. Yileyondlela esenza ngayo, sifuna ukuzenzela into ethize. ISipho sikaNkulunkulu siyisipho esiyisihle. UNkulunkulu uSinikezele Kuwena, awenzi neyodwa into ngaSo. WaSimisela wena, futhi uzoba naSo. Uyabo?

130 Qaphelani, wayazi ukuthi Sasilapho. Wayekhohlelwa kuSo wayeSifuna. Kodwa ngenkathi esebhekana nokuthi wayefanele akwenze kanjani, kwakwehlukene nenkambiso yakhe. Kwakwehlukile. Wayekwazi ukubamba imali yakhe futhi abe ngowebandla ayengowakulo, kanjalonjalo. Kodwa uJesu wayekwazi lokho, futhi wayazi ukuthi wayeyibekelele lemali, futhi Wathi, “Hamba uthengise ngakho konke onakho, bese ukupha abampofu. Bese uza, uthabathe isiphambano sakho uNgilandele, futhi uzakuba namagugu eZulwini.” Kodwa akakwazanga ukukwenza.

131 Abanye abaholi ayekade enabo ezinsukwini zobusha bakhe, babenokuthonya okukhulu kuye waze wala ukwemukela iNdlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, eyayinguJesu Kristu; onguYena kuphela ophethe ukuPhila okuPhakade, onguYena kuphela ongakunika Khona. Akusilo ibandla elingakunika ukuPhila okuPhakade; hhayi umakhelwane; hhayi umelusi wakho; hhayi umpristi wakho; hhayi isivumokholo sakho; uJesu Kristu qobo lwaKhe kuphela ongakunika ukuPhila okuPhakade. Uyi . . .

132 Akunandaba ukuthi ulunge kangakanani, ukuthi yini oyeka ukuyenza, ukuthi yini oqala ukuyenza, ufanele ukwemukela uMuntu weNkosi uJesu Kristu. Bese kuthi-ke uma wenza lokho, Yena uyiZwi, bese kuthi-ke impilo yakho ifitha kahle eZwini futhi iyazibonakalisa uqobo kulonyaka ophila kuwo.

133 UNowa wadingeka akwenze lokho enzela iZwi ukuba libonakalisiwe onyakeni wakhe. Manje, ukuba-ke uMose uyafika, wathi, “Siyakwazi okwenziwe nguNowa, sizothatha izwi likaNowa. Sizokwenza nje ngendlela uNowa akwenza ngayo. Sizokwakha u—umkhumbi bese sintanta sehle ngoMfula iNayili, futhi siphume eGibhithe?” Ngani, kwakungeke kusebenze. Niyabo, lowo kwakungomunye unyaka.

134 UJesu wayengeke afika nomlayezo kaMose; uLuther wayengenakufika nomlayezo wamaKatolika; uWesley wayengenakufika nomlayezo kaLuther; iPhentekoste yayingenakufika nomlayezo kaWesley. NoMlobokazi angebunjelwe ehlelweni lamaPhentekoste, ngeke nje kwakwenza. Futhi kunjalo impela. Selivele lihlelile futhi laphumela lapho, futhi nanto lihlezi, njengawo onke nje. Yikhoba. Njengokuphila nje kwenyuka kuphumela e . . . Niyabo?

¹³⁵ Lowombhali, njengoba ngakhuluma ngobunye ubusuku, lowombhali owabhala lencwadi...Futhi hhayi ngoba wangigxeka kabi kakhulu, wathi ngangingu “develi, uma yayikhona into enjengaleyo.” Ngakho wathi wayengakholelwa kuNkulunkulu. Wathi, “UNkulunkulu owakwazi ukusonga izingalo zaKhe futhi wahlala phezulu futhi wabukela abafel’ukholo, ngaseminyakeni yasekuqaleni, futhi ezisho ukuthi unamandla okuvula uLwandle oluBomvu, futhi ayekele labo besifazane nabantwana badatshulwe babe yizicucu ngamabhubezi kanjalonjalo, bese ethi WayenguNkulunkulu othandayo.” Wathi, “Ayikho into ethiwa isidalwa.” Niyabo, umfo, engenakuphefumulelwa kweZwi, uyehluleka ukuLibona.

¹³⁶ Uhlamvu lokuqala lukakolo, uMyeni, wadingeka awele emhlabathini ukuze avuke futhi. Wenzenjalo uMlobokazi wokuqala owazalwa ePhentekoste wadingeka edlule kulezozikhathi zemiNyaka yobuMnyama njenganoma yiyiphi enye imbewu, imbelwe. Babedingeka bafe. Bafanele bakwenze. Kodwa yaqala ukuhluma futhi kuLuther, enguqkweni yokuqala. Ayibukekanga njengembewu eyangena, kodwa kwakungukuKhanya kwalolosuku. I...?... isiqu-ke saqhubekela entshakazeni, uWesley. Futhi ukusuka entshakazeni yaya ePhentekoste, ikhoba.

¹³⁷ Uma ubona kukolo, uma uphuma, uhlamvu lukakolo, indoda etshale ukolo, uyaphuma bese ubona lowokolo ubumbeka phakathi lapho, ubukeka ufana nje ncamashi nohlamvu. Kodwa uma uzothatha isibambo bese uhlala phansi bese uthatha lowokolo bese uwuvula, akukho-hlamvu lapho nhlobo. Yikhoba nje. Bese-ke kuba yini na? Li—libunjwa lapho, ukubamba uhlamvu. Niyabo? Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, ukuphila kusukile e—e—esiqwini ukuba kuyongena entshakazeni; kwashiya intshakaza ukuba kuyongena ekhobeni; kushiya ikhoba futhi kuyongena kukolo. Izigaba ezintathu, niyabo, zawo. Bese kuthi-ke kubumbe uKolo *ngaphandle* kwezigaba ezintathu (uLuther, uWesley, iPhentekoste). Impela nje. Niyabo, akungabazeki. Ungeke wayiphazamisa imvelo.

¹³⁸ Manje bukani, njalo eminyakeni emithathu emva kokuba umlayezo uphumile uthunywe uvela kuNkulunkulu, bayahlela. Lokhu sekube yiminyaka engamashumi amabili, futhi akukho-nhlangano. Ingeke. Niyabo? Manje ikhoba lizofanele lihlabubeke, linikeze uKolo ithuba ukuba wenekeke phambi kweNdodana, ukuvuthwisa; uMlayezo ubuyela ngqo eBandleni futhi, ubumba uMzimba kaJesu Kristu njengaLowo nje wokuqala owangena emhlabathini. Manje, ukubona u—ukuPhila okuPhakade.

¹³⁹ UkuPhila, impela i—isiq emuva lapha sasithwele ukuPhila. Impela, senza. Kodwa, niyabo, ngenkathi kuba yisiq futhi kwaphela, inhlangano, ukuPhila kwangena ngqo kuWesley; kuphuma ngqo, kwangena. Futhi kanye, ngayinye yazo. Elilodwa, elikhulu idlebe, akubukeki njengohlamvu. Kodwa

uma impova encane ifika, njenge...e—ekhobeni...noma esiqwini, impova yentshakaza, ibukeka ifana kakhulu impela njengohlamvu. Kodwa uma sekwehlela kulelokhoba, lucishe impela lube lapho.

¹⁴⁰ Akashongo yini uJesu ukuthi, “Ngezinsuku zokugcina” (uMathewu 24:24) “emibili iyosondelana kakhulu iyodukisa nezimbewana ezivela okhalweni, abamiselwe ngaphambili, AbaKhethiwe, uma kwakunokwenzeka”? Kucishe impela kufane nento yangempela, niyabo. Ngakho, ngezinsuku zokugcina. Manje, niyabo, yisikhathi sikakolo manje. Sekuba yisikhathi sokuvuna. Lona akusiwo unyaka kaLuther, lona akusiwo unyaka wePhentekoste, lona ngunyaka woMlobokazi.

¹⁴¹ Njengoba uMose wabiza isizwe siphume esizweni, uKristu namhlanje ubiza iBandla liphume ebandleni, niyabo; into efanayo esifanekisweni, ebayisa eZweni eliThenjisiwe laPhakade elihle kakhulu.

¹⁴² Manje, ukwala lowoMuntu owenza ubizo, uKristu, akunandaba uma uyiPhentekoste, iMethodisti, uLuther, noma ngabe uyini, uzofanele u...Lonyaka! Akukho okuphambene nawo, lutho nhlobo, kodwa kulonyaka *manje* nizofanele nemukele (njengoba benza ngalowonyaka) uMuntu kaKristu oyiZwi!

*Ekugaleni wayekhona uLizwi, uLizwi
wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.*

ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, . . .

. . .yena izolo, . . .namuhla, naphakade.

AmaHeberu 13:8. Niyabo, nifanele nemukele lowoMuntu wokuPhila okuPhakade!

¹⁴³ Manje, ukuPhila uLuther ayenakho, kwakungukulungisiswa. UWesley wayenokungcweliswa, kwenezelwe kukho. IPhentekoste yayinokubuyiselwa kweziphiso zibuyela kuyo, zenezelwa kuyo. Kodwa manje kuphelelisa emzimbeni, niyabo, imikhakha emithathu yakho, nakulokho...Manje, uma kufika ukuvuka, ukuPhila okwaphila kulawomaLuthela, okwaphuma, ukuPhila okwaphila kumaMethodisti futhi kwaphuma, ukuPhila okwangena kumaPhentekoste, onke ayohlwithwa ephuma emhlabathini eMzimbeni woMlobokazi ukuba ufakwe ngaphambi kukaJesu Kristu. Udumo kuNkulunkulu! O, kuyaxhuxhumisa! KuyiQiniso!

¹⁴⁴ Sijike ikhona! Sibheka ngaseZulwini, sibhekisisa ukufika; isiValo esiVivaneni, njengoba besingasho, ukubuya kwaKhe! IBandla lifanele livuswe masinya, futhi sifanele silungele.

¹⁴⁵ Nendlela kuphela ongenza ngayo, akusikho ukuthi, “Awu, ngingoweAssemblies. NgingoweOneness, Twoness,” kumbe noma ngabe kuyini, onke lapho, “Ngingowe church of God,”

lokho akuthi shu. “Obaba bethu bamemeza futhi basina,” lokho nje kulunge ngokuphelele, lolo kwakulusuku *lwabo*. Kodwa *namuhla* anibhekene nenhlangano abayenza, kodwa nokuPhila okuqhubekayo, okunguJesu Kristu.

¹⁴⁶ Lomfo osemncane wayenze into efanayo. UMose wayiloba leyomiyalelo. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu ofanayo owaloba imiyalelo, ngomprofethi waKhe, kwakuyinto efanayo eyaprofetha ukuthi usuku lwaluyofika, “Ngiyakuvusa umProfethi onjengami. Futhi kuyakufezeka ukuthi wonke ongaMuzwa uyakunqunywa”; emuva emakhobeni nezintshakaza zehlelo. Bafanele baqhubekule ekuPhileni. Futhi namuhla, ungasho ukuthi, “NgiyiPhentekoste. Ngingowa *leli*, ngingowa *lelo*.” Lokho akusho lutho. Ufanele wemukele uMuntu uKristu, ukuPhila okuPhakade. Kubhekana nathi sonke! Ningakukhohlwa lokho.

¹⁴⁷ Abanye abaholi, niyabo, babenokubambelela okukhulu kuye. Abantu babo uyafundiswa, “Awu, singaba *leli*, futhi singaba *lelo*,” futhi babenokubambelela okukhulu kuye. Kodwa into ewukufa okunje pho, ukwenqaba ubuholi bokuPhila okuPhakade!

¹⁴⁸ Manje, lokho kuPhila kuyethulwa kulobubusuku. Kunjalo. UMoya oNgwele ulapha, onguKristu esimweni sikaMoya; uMoya waKhe, ugcobo lulapha.

... isikhashana, izwe lingabe lisangibona; nokho niyakungibona nina:...

... Ngokuba ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleliseni, kuze kube sekupheleni kwezwe.

¹⁴⁹ UJesu yedwa anganiholela ekuPhileni okuPhakade. Akukho-bandla, akukho-hlelo, akukho-mshumayeli, akukho-mpristi, akukho lutho olunye olunganiholela kuKho, ufanele uholwe nguYe, okunguYena kuphela onganihola.

¹⁵⁰ Ningathini nje Yena enihola enikhipha eZwini laKhe, okungukuthi lowo nguYe na? Futhi uma EyiZwi, futhi nina niyingxenye yaKhe, ningebe yingxenye yeZwi na? IZwi uNkulunkulu afuna ukuthela amanzi ensindiso phezu kwalo namuhla, ukuzikhomba Yena uqobo namuhla; njengoba abaphostoli baMkhomba, njengoLuther, njengoWesley, njengakubantu ngalezozinsuku baMkhomba. Lona ngomunye unyaka. YiZwi! IZwi lathi lezizinto esizibona zenzeka manje, kubikezelwa ukuba zenzeke ngalelihora. Ngakho yemukelani uJesu Kristu futhi niMvumele aniholele ekuPhileni okuPhakade.

¹⁵¹ Nakuba wayezuze ngempumelelo, lomfo osemncane... Wayezuze ngempumelelo zonke izinto ezinhle. Esikoleni, kade ekahle. Njengomfana olungileyo, akungabazeki, wayekade elungile. Njengobaba wangempela... Ekulaleleni ubabayi wakhe ebhizinisini, wayekade engumfana olungileyo—

olungileyo. Elungile kubazali bakhe. Wayekade ethembekile kumpristi wakhe. Wayekade ethembekile ebandleni lakhe. Wayekade ethembekile emiyalelweni kaNkulunkulu. Kodwa walahlekelwa yinto enkulu kunazo zonke, zonke ezinye zazo zazingasho lutho olukhulu kangako kuye ngenkathi enqaba ubuholi bokuPhila okuPhakade, uJesu Kristu.

¹⁵² Qaphelani! Lobubuholi bubhekana nathi sonke namuhla, into efanayo njengoba yena kuleyonsizwa, si...akunandaba ukuthi sikholwa kangakanani. Ningaba yiKatolika, ningaba yiBaptisti, iMethodisti, noma mhlawumbe ningaba ngamaPhentekoste, kumbe noma ningaba yini, lento efanayo ibhekana nani kulobubusuku: ukuPhila okuPhakade, okungukuthi, yemukelani uJesu Kristu. Sinikwa lelithuba.

¹⁵³ Ngesiny'is'khathi empilweni sifanele sibhekane nento njengoba nje lensizwa yenza, ngoba niyisidalwa esisazokufa futhi ninikwa i—ninikwa ithuba lokukhetha. Ninokukhetha. UNkulunkulu wanenza ukuze nikwazi ukukhetha. Uma Abeka uAdamu noEva ekubeni ngabazikhethelayo ukuze bakwazi ukukhetha, kwase kuthi-ke benza ukukhetha okungalungile, futhi, niyabo, Angenze lutho olunye kuwe kunoma Enza kubo. Uzofanele akubekele into efanayo ukuze ukwazi ukukhetha noma wenqabe.

Unokukhetha. Ake sibuke okunye kwakho:

¹⁵⁴ Unokukhetha, njengensizwa, ukuthi ngabe uzoba nemfundo noma qha. Unalokho kukhetha. Ungafuna ukuba “ungabi nakho nje,” ningakwala nje.

¹⁵⁵ Ninokukhetha kokuziphatha kwenu. Ngizolimaza kancanyana nje lapha. Niyabo? Ningaphuma futhi niyeke izinwele zenu zikhule zehle futhi nibe yiBeatle noma ezinye zalezizidomu.

¹⁵⁶ Noma nina besifazane, ningabukeka njenge—ngesidalwa esingumuntu esiqotho noma ningaba njengezinye zalezizidalwa ezishaqisayo esinazo phandle lapho, lawomehlo enziwe luhlaza. Nokugunda izinwele zibe zinkimbinkimbi nezinto, baphambene ngokuphelele neZwi likaNkulunkulu, okuphambene uqobo; bangawusho ngisho...angeke basho nomkhuleko ukuba wemukelwe. Lelo yiQiniso. Kunjalo ngempela. Yilokho iBhayibheli elakusho.

¹⁵⁷ Kodwa kwenzekeni kini, bandla na? Nibone okuningi kakhulu kwetelevishini, izinto eziningi kakhulu zezwe, kulula kakhulu emvelweni endala ka-Adamu wakho ukushushumbela kulokho, ukuba aziphathise okwabo bonke abanye.

¹⁵⁸ Mangikuphinde lokhu futhi! Esinkweni ikosha, ekunikelweni koku—koku—kubuyisana ngezinsuku zikaMose, ngenkathi uMose ekhipha abantwana, kwakuzoba nezinsuku eziyisikhombisa ukuthi kwakungezukuphambona-mvubelo phakathi kwabantu. Noma ubani uyakwazi lokho. KuEksodusi,

“Akukho-mvubelo eyofunyanwa ekamu lenu nhlobo, izinsuku eziyisikhombisa.” Lokho *izinsuku eziyisikhombisa* kwakumele egcwele “iminyaka yebandla eyisikhombisa.” Niyabo?

¹⁵⁹ “Akukho-mvubelo.” Manje, yini leyo na? Akukho-sivumokholo, akukho-zwe. UJesu wathi, “Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Niyabo? Futhi sizama ukuxubanisa lokho; ningeke nakwenza! Nifanele nize entweni *eyodwa* ukuba niyikhholwe: kuphakathi kokuthi nizokholwa uNkulunkulu, nizokholwa ibandla lenu, nizokholwa izwe, ni...ningeke nakuxuba ndawonye. Futhi ningeke nabambelela kulezozinto ezindala elinye ibandla phambi kwenu elakwenzayo. Nifanele nithathe uMlayezo wehora.

¹⁶⁰ Wathi, “Okushiye ngayizolo, ningakuyeki kuhlale kuze kube sekuseni (ukuba kuze kulona omunye unyaka), nikushise ngomlilo; kubhujiswe.” Lowo ngunyaka eniphila kuwo, uMlayezo walonyaka, Ufanele ukhishwe emiBhalweni futhi uqinisekise futhi ufakazelwe nguNkulunkulu ukuthi nguNkulunkulu enzenjalo. Manje-ke kuphakathi kokuthi wemukela Lowo noma uWenqabe. Lokho ngukuPhila okuPhakade, ubuholi bukaMoya oNgcwele, ehola iBandla laKhe.

¹⁶¹ Besingahlala kulokho isikhathi eside, kodwa asiqhubeke, silokhu siqhubeka nje.

¹⁶² Ukukhetha kokuziphatha kwenu. Beninga...Ningeke nakuxuba manje. Kuphakathi kokuthi ngokukaNkulunkulu noma okuphikisana noNkulunkulu, nokuzwakaliswa kokungaphandle kukhombisa ncamashi okungaphakathi. Niyabo? Ugudluthukela...Abaningi benu bayacabanga, “Nginombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngiya eZulwini.” Lokho akusho neyodwa into ukuthi uya eZulwini. Qhabo, mnumzane. Ungaba nombhaphathizo kaMoya oNgcwele mahora onke empilweni yakho, futhi noma kunjalo ulahlwe futhi uye esihogweni. IBhayibheli lisho njalo. Ehhe, kunjalo impela.

¹⁶³ Bukani lapha, ungumuntu ongaphandle. Unemizwa emihlanu oxhumana ngayo nomzimba ongaphandle. UNkulunkulu wakunika imizwa emihlanu; hhayi ukuba uxhumane naYe, ikhaya lakho lasemhlabeni: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa.

¹⁶⁴ Manje-ke unomoya kwingaphakathi lalowo, futhi unokuphumela ngaphandle okuhlalu: unembeza, nothando, kanjalonjalo. Okuphumela ngaphandle okuhlalu oxhumana nezwe lomoya ngalokho, kodwa ngomoya wakho.

¹⁶⁵ Okomzimba wakho kuxhumana nokomzimba. Okokomoya kwakho kuxhumana nokokomoya. Kodwa ngaphakathi kwalokho unomphefumulo, nalowomphefumulo uyimbewana ephuma ivela okhalweni lukaNkulunkulu.

¹⁶⁶ Futhi njengengane ibunjwa esizalweni sikanina. Uma ingane ingena e—esizalweni sikamama ngembewana encane, igaqazela ingene eqandeni. Ayibumbi ingqamuzana elilodwa lomuntu, elilandelayoinja, nelilandelayo ikati, nelilandelayo ihhashi. Konke kungamangqamuzana omuntu ngoba kwakha kusukela engqamuzaneni lomuntu lasekuqaleni.

¹⁶⁷ Futhi uma umuntu ezelwe ngokusha ngeZwi likaNkulunkulu, emiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, okuthiwa “AbaKhethiweyo,” kuzoba yiZwi likaNkulunkulu phezu kweZwi, iZwi eZwini! Hhayi isivumokholo sehlelo bese-ke kuba yiZwi, nesivumokholo; futhi ngeke kusebenze. Ungeke waba nalokho kuvutshelwe kuLo! Kunye kuphela ukuPhila okuPhakade, uJesu Kristu iZwi:

*Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi
wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.*

ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, . . .

¹⁶⁸ Bangani, nondla abantwana bami. Ningithumela phesheya ezinkundleni zezimishini ezweni, ukuletha uMlayezo. Ngifanele ngibe qotho kini. Engikubukayo, mhlawumbe aniboni. Yilokho engikukhonele lapha ukuzama ukunitshela. Akungoba ngingabathandi abantu, yingoba ngiyabathanda abantu. Kuyaqondisa. Uma ngibona ukushelela kwebandla, lichezuka, ngithi, “Awu, senza *lokhu* futhi senza *lokho*,” futhi siqalaza phezu kwebandla bese ngibona i . . . Ngeke nje kusebenze.

¹⁶⁹ Manje-ke bukani lapha eBhayibhelini futhi nibone ukuthi kuzoba ngaleyondlela ekupheleni, lowoNyaka weBandla laseLawodikeya, ubeka uJesu ngaphandle (iZwi). Akazange abize . . . Akazukubiza-bandla. Wathi, “Abanengi eNgibathandayo, Ngiyabasola. Ngiyabalaya.” Ethatha iZwi futhi egqonqa ngaLo, futhi ethi, “Ninephutha kukho!” Yingalesosizathu nginithanda. “Uma nizovula umnyango futhi niNgingenise, Ngiyongena futhi ngidle nani.” Hhayi ibandla, Usevele ukhishiwe kulelo.

¹⁷⁰ Liqonde eMkhandlwini weNkolo yobukristu. Yilapho eseliye khona, liyongena ngqo eRoma lapho elivela khona. Futhi lokho kunjalo impela. Nginakho lokho kubhalwe ephapheni kusukela eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu edlule, noma iminyaka engamashumi amathathu-nantathu edlule, futhi nakho. Akusikho lokho kuphela, kubhalwe eBhayibhelini, kusuka embonweni. Selibuyele emuva. Akukho-ndlela yokusho, selihambile! Lizoba ngaleyondlela.

¹⁷¹ UNkulunkulu ubiza *abantu ngamunye*. “Ngimi emnyango ngingqongqotha. Uma noma yiyiphi indoda, noma yimuphi umuntu . . .” Umuntu oyedwa ngamunye enkulungwaneni, kungahle kube ngoyedwa esigidini.

¹⁷² Njengoba ngishilo ebusukwini obumbalwa obedlule. Ngenkathi uIsrayeli ephuma eGibhithe, kwakukhona nje

abantu abayizigidi ezimbili abezayo, futhi nje izigidi ezimbili; oyedwa nje. . . abantu ababili nje abangenayo. Oyedwa esigidini. Benikwazi lokho na? UKalebi noJoshuwa.

¹⁷³ NoJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane. Sigcina amasiko. Futhi senza *lokhu*. Siyazi lapho esimi khona!”

¹⁷⁴ Wathi, “Ngiyazi oyihlo badla imana ehlane, futhi bonke behlukaniswe Phakade. Bafile!”

¹⁷⁵ Uma isidoda siphuma esiliseni noma esifazaneni, kunamaqanda ayisigidi aphumayo, kunezimbewana eziyisigidi eziphumayo. Futhi kuzo zonke lezozimbewana ezincane, ohlobweni. . . Uma ku—uma kuvela enkomeni yesilisa, noma owesilisa, kumbe noma ngabe kuyini, kunezigidi nje zezimbewana, izimbewana eziyisigidi zisebenza. Phakathi lapho yinye kuphela eyalezozimbewana emiselwe ukuphila, ngokuba kuneqanda elilodwa laphaya, elizalekayo, ukuhlangana nayo. Kunjalo. Iqanda elilodwa kuphela eliyohlangana. Njengalomzimba nje lapha uhlezi lapha, nembewana ivela kuNkulunkulu. Niyabo? Futhi bhekisisani leyombewana encane yenyuka phakathi kwazo zonke lezi ezinye izimbewana, futhi ziyaluza ngakuwo, ziqhubeka ngqo ziwedlula, ziwefe ngapha bese zithola leloqanda elinokuzaleka bese—bese igaqazela ingene ngqo kulo; futhi zonke ezinye ziyafa.

¹⁷⁶ Ukuba-ke bekungaleyondlela ngebandla namhlanje, elilodwa esigidini na? Niyabona ukuthi beliyoba kuphi na? “Isango lincane neNdlela iyingcingo, futhi bayoba yingcosana abayoYifumana; ngoba indlela inkulu eyisa ekubhujisweni, futhi bayoba baningi abangena khona.”

“Ngabe yiqiniso lelo, Mfowethu Branham na?” Angazi, kodwa nje ngicaphuna umBhalo. Niyabo?

¹⁷⁷ Manje, nimiselwe ukuPhila. NiyaKubona uma nimiselwe ukuKubona. Uma ningakumiselwe ukuKubona, aniyikuKubona. Wathi, “Banamehlo kodwa ababoni, izindlebe futhi abezwa.” Nifanele kanjani ukuba nokubonga, bandla! Ukuthi ufanele uziqondise kanjani wena uqobo kulezizinto! Ukuthi nifanele kanjani ukuba nivuthele uNkulunkulu! Ukuthi amehlo enu abheka enikubonayo, izindlebe zenu izwa lezizinto enizibonayo. Ubuholi! Nizeleni lapha kulobubusuku ukuzozwa uMlayezo onjengaLona na? Ngishaywe uphawu emhlabeni wonke, ngamabandla, njengo “hlanya.” Nizeleni na? UMoya oNgcwele uniholele lapha (niyabo? niyabo?) ukuzolalela. Sokani! Nqumani izinto zezwe, yemukelani ubuholi bukaJesu Kristu, kungenjalo nizobhubha impela nje njengezwe.

¹⁷⁸ Unokukhetha kokuziphatha. Ukuthi uziphatha kanjani, lokho kukuwe.

¹⁷⁹ Unokukhetha inkosikazi. Uyaphuma bese uthatha inkosikazi yakho. Ufuna ukuthatha inkosikazi, ufuna ukuthatha

leyo etusekayo kokwakho...kulokho ofuna eyakho...ohlose ikhaya lakho lesikhathi esizayo libe yikho. Ungathini nje indoda, indoda engumKristu, iphuma futhi ithatha omunye walaba oRicketta besimodeni abe yinkosikazi na? Hhe? Ungathini nje? Icabanga ngani indoda na? Nhloboni yekhaya ezoba nalo uma ithatha umhhunduli wezingubo ukubukisa okunhlobonhlobo okusuka emgwaqeni phandle lapha, isifebe somgwaqo na? “O,” wena uthi, “manje, awume kancane.” Izigqokisa kanjani yona na? Niyabo? Niyabo? Igqoka izikhindi nezinto, iyisifebe somgwaqo. “O,” wena uthi, “manje, Mfowethu Branham!” O, lezoziketi ezindadlana ezimpintshanayo, ubukeka sengathi uthululelwe kuzo, isifebe somgwaqo.

¹⁸⁰ UJesu wathi, “Obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile vele naye enhliziyweni yakhe.” Khona-ke uzofanele aphenyule ngalokho. Futhi wenzeni yena na? Uziveze yena. Ubani onecala na? Kucabangeni.

¹⁸¹ Wena uthi, “Abazenzi ezinye izingubo zokugqoka.” Banazo izindwangu nemishini yokuthunga. Akukho-zaba. Hhe-e. Kunjalo impela.

¹⁸² Manje, angifuni ukunilimaza. Naleli akusilo ihlaya, lona ngu ISHO KANJE INKOSI emiBhalweni. Kuqinisile ngempela, mngani. Ngiyindoda endala, anginaso isikhathi eside kakhulu sokuhlala, kodwa ngifanele nginitshela iQiniso. Uma lona kungumlayezo wami wokugcina, uyiQiniso. Niyabo? Ungakwenzi, dade. Ungakwenzi, mfowethu.

¹⁸³ Nani bafo olenga e—esivumwenikhlo, futhi nibe nazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqiniswa phambi kwenu ngqo. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele nalamaqiniso esinawo namhlanje, bese kuthi-ke, ngenxa yesivumkholo senu, niWale na? Ungaba kanjani yindodana kaNkulunkulu futhi uphike iZwi likaNkulunkulu elibikezelelwe lolu izinsuku zokugcina esiphila kuzo na? Ungakwenza kanjani na? IBhayibheli lingakubiza kanjani lokhu... .

¹⁸⁴ Njengoba ngishilo izolo ebusuku nge—ngenkosi ngesinye isikhathi, ezansi eNingizimu, ngenkathi benekhaladi ezansi lapho lalithengiselwa ukuba yizigqila. Ngani, ayengengaphezu kokuba nje abe yi—yimakethe yemoto eyisekeni, uthola isikhangisi sezindali kuzo. Futhi ngashaqeka, endaweni encane... Ngafunda ngoluny'usuku lapho o—otheng' athengisele abanye efika khona ukuzothenga ezinye, wayesethi, “Awu, manje, ngithanda...” Zazidabukile, wawudingeka uzibhaxabule, uzenze zisebenze ngoba zazikude nekhaya. Zathengiswa, izigqila. Futhi zisezweni lezizwe ezazingazi lutho ngalo, futhi zingasophinde zibuyele ekhaya futhi, futhi zazidabukile. Wawudingeka uzibhaxabule, uzenze zisebenze. Kodwa lona otheng' athengisele abanye ufika ehlathini lokutshalwa elithize.

185 Oyedwa umfo osemncane lapho nesifuba sakhe esiqhunsuliwe, isilevu sakhe sibheke phezulu, wawungadingi ukuba umbhaxabule. Wayeqonde thwi, futhi wayegcine izimilo zazo zonke ezinye ziqondile.

Otheng'athengisele abanye wathi, "Ngizomthenga."

186 Wathi, "Akathengisi. Angizukumthengisa. Awuzukumthenga, ngoba akathengisi."

187 Wathi, "Awu, yini emenza ehluke kakhulu kangaka na?" Wathi, "Ngabe ungubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo."

Wathi, "Ngabe umondla ngokwehlukile na?"

188 Wathi, "Qhabo. Uyisigqila, udla phandle lapho ekamelweni lokuphekela emkhunjini nazo zonke ezinye."

Wathi, "Yini emenza umehluko omkhulu kangaka na?"

189 Wathi, "Kwakungimangalisa nami, ngaze ngathola. Phesheya eAfrika (lapho bevela khona, lapho amaBhunu abathenga khona, ayesebaletha ngapha ayesebathengisa babe yizigqila), laphaya uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nokho, engowezizwe, ekude nekhaya, uyazi ukuthi uyindodana yenkosi. Ngakho uziphatha ngaleyondlela."

190 Ukusolwa okunje pho kobuKristu! Sifanele simele uNkulunkulu nokuPhila okuPhakade. Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nalowo nguNkulunkulu. Yena yedwa unokuPhila okuPhakade. Futhi singumkhiqizo waKhe, ngoba siyizimbewana eziphuma okhalweni loMoya waKhe. Manjenge sifanele siziphathe, abesilisa nabesifazane, njengoba iBhayibheli lasho ngathi ukuba senze. Hhayi oJezibele bomgwaqo, noRickies benhlangano; kodwa abanumzane abahloniphekile abangamaKristu, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, azalwa nguMoya kaNkulunkulu, ebonakalisa ukuKhanya ezinsukwini zethu futhi siKusabalalisa. Kunjalo impela.

191 Sesishushumbe saqhela kangakanani kuKho! Ngani na? Into efanayo lomfana ayenza lapha. Wenqaba, wala ukuPhila okuPhakade, ngoba Kwakuzomlahlekisela ngokugqama kwakhe emphakathini, Kwakuzomlahlekisela ngokutamasa kwakhe—kwakhe—kwakhe kwemali, Kwakuzomlahlekisela ngenhlanganyelo yakhe ebandleni, Kwakuzomlahlekisela ngenqwaba yezinto. Wayazi ukuthi Kwakuzomlahlekisela ngani, wayengumfana onengqondo, futhi wazizwela ukuthi wayengeke alikhokha inani. Nokho wacabanga, "Ngizokwethemba inkolo yami nje futhi ngiqhubeke." Kodwa phansi enhliziyweni yakhe wayazi ukuthi kwakukhona into ethize ngoJesu Kristu eyayehlukile kulabobapristi bangalolosuku.

192 Futhi noma yimuphi uMlayezo ongenayo, owangoqobo, ozelwe uMlayezo kaNkulunkulu, wehlukile enkambisweni

endala. Ngenkathi ukuphilisa kukaNkulunkulu kuphuma, kungekudala, nabaqaphela yini ukuthi abazifanisa nabanye balandela kanjani na? Niyabo? Futhi bonke bahamba bangena ngqo kulezozinhlango, behlala lapho. Ngabe ukhona owaziyo ukuthi kwafanele kube noMlayezo olandela lokho na? Ngani, uNkulunkulu akasibungazi! Uheha ukunaka kwethu ngento ethize, futhi uma Eheha ukunaka kwethu, khona-ke UnoMlayezo waKhe.

¹⁹³ Bukani ngenkathi Eqala ukufika emhlabeni, futhi waqala inkonzo yaKhe, “O Rabi osemncane, siyaKufuna ngapha ebandleni lethu. Si . . . Yehlela lapha.” UmProfethi osemncane. “O, siKufuna ngapha. Woza lapha.”

¹⁹⁴ Kodwa ngoluny’usuku Wasukuma wayesethi, “Mina noBaba waMi siMunye.”

¹⁹⁵ “O, he! Uzenza uNkulunkulu.”

¹⁹⁶ “Uma ningadli iNyama yeNdodana yomuntu futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini.”

¹⁹⁷ “Uyindlabantu! Asihlangene ngalutho nalokho.”

¹⁹⁸ Labobaphostoli bahlala khona lapho; izinkulungwane zaMshiya, kodwa labobaphostoli babemiselwe ukuPhila. Washo njalo. Abakwazanga ukuKuchaza; baKukholwa. Bahlala naKho ngqo ngoba, bathi, “Akekho umuntu obengenza lemisebenzi.”

¹⁹⁹ Ngisho nabapristi babekwazi lokho. UNikodemu wathi, “Siyazi” (umkhandlu weSanhedrin) “ukuthi akekho umuntu obengenza lemisebenzi kungaveli kuNkulunkulu.” Niyabo?

²⁰⁰ UPetru, ngoSuku lwePhentekoste, wathi, “UJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu. UNkulunkulu wayenaYe.”

²⁰¹ Bukani emiBhalweni, ukuthi imiBhalo yathi uyokwenzani. UJesu wathi, “Hlolani imiBhalo, kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade. Yiyo ofakaza ngaMi. Ukuba benimazi uMose, beniyakungazi naMi, ngokuba uMose waloba ukuthi Ngiyofika, ngesimo eNgiyofika ngikuso.” Ufika njengeNdodana yomuntu.

²⁰² Ufika ngamagama amathathu, njengoNkulunkulu. Okuthathu (njengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele), uNkulunkulu ofanayo, yizingxenyane ezintathu ezingehlukaniseki.

²⁰³ Manje ke, futhi, ukulungisiswa, ukungcweliswa . . . ; uLuther, uMartin, ne—ne—nePentecostal; into efanayo: izingxenyane ezintathu ezingehlukaniseki, iziteshi ezintathu, iminyaka yebandla emithathu.

²⁰⁴ Into efanayo: amanzi, igazi, nomoya. O, njengoba uhambisana nje, imisuka emithathu okukuthatha kukubuyisele emzimbeni. Njengoba ikuletha kusukela ozalweni lwemvelo, kufanekisa ukuzalwa kumaMoya. Ingane iyazalwa, into

yokuqala amanzi, okulandelayo yigazi, bese kuba ngukuphila. Yileyondlela oza ngayo eMbusweni kaNkulunkulu, indlela efanayo. Niyabo? Yileyondlela iBandla elingena ngayo, indlela efanayo. Into efanayo. Manje qaphelani kulezizinto ezintathu, uNkulunkulu ubumbe owaKhe . . . ubumba umzimba waKhe.

²⁰⁵ Manje sithola ukuthi phakathi lapha, ukuthi unelungelo ekukhetheni kwakho. Ukhetha intombi ofuna ukuyishada; iyakwemukela, kulungile.

²⁰⁶ Manje-ke eny'into, unokukhetha ukuthi uyathanda yini ukuphila noma awukuthandi yini ukuphila. Ukhetha manje phakathi kokuPhila nokufa. Ungaphila.

²⁰⁷ Lowomfana wayenalokho kukhetha. Wayephumelela kuyo yonke enye into, indoda ekholwayo, kodwa wayazi ukuthi uma lokho . . . Wazikhulumela khona yena, “Ngiyigcinile yonke lemiyalelo kusukela ngiseyintsha,” kodwa wayazi ukuthi wayengenakho ukuPhila okuPhakade. Niyabo? Futhi wayenokukhetha ukuba aKwemukele noma aKwale, futhi waKwala. Lelo kwaba yiphutha eliwukufa kakhulu impela ayengake alenze. Konke okunye kwakho kwakungeke kwabaluleka. Akubalulekile, akubalulekile ngaphandle, uma uthatha Lokho kukhetha.

²⁰⁸ Manje asimlandele ekukhetheni kwakhe, futhi sibone ukuthi kwamholelaphi. Manje, niyabona lapho akhetha khona. Manje, bukani, waye—wayeyisicebi, wayengusomabhizinisi, wayengumbusi, futhi wayeyindoda ekholwayo. Konke lokho!

²⁰⁹ Manje besingathi, “Mfana, uyiMethodisti yangoqobo, noma iBaptisti, noma iPhentekoste. U—ungumfo wangempela, umfana okahle ngempela. Okahle!” Akukho obungakusho ngaye; unobungani, ukahle, unobudlelwane, nayo yonk'into. Akukho ukungabi nazimilo ngaye. Mhlambe wayengabhemi, apuze, noma ehle enyuka eya emibukisweni nemidanso, nanoma yini ebesingakubiza ngayo namhlanje, njengoba besingafanisa umKristu. Kodwa lokho akukabisikho ukuPhila okuPhakade! Lokho akusikho esikhuluma ngakho. Angahle ukuba wayekade ethembekile ebandleni lakhe, kulokho mhlambe ayeyikho. Kodwa, niyabo, futhi kwamholelaphi na? Ukuthandwa ngabantu okukhulu. Ake sithi, uma wayengumshumayeli, wayengaba . . . enebandla elingcono. Wayengaba yigosa lesifundazwe noma umbhishobhi. Niyabo? Kukuholela ekuthandweni ngabantu, futhi kwamholela engcebweni nodumo.

²¹⁰ Kungahle kwenze into efanayo namhlanje, unethalente elikhulu lokucula. Ngicabange ngaleyonsizwa esikhashaneni esedule ecule lelculo lapha; ukuthi yayikunikele kanjani lokho kudeveli, futhi manje ikubuyisa . . . Nokuthi kwehluke kanjani phakathi kwayo noElvis Presley nabanye balaba. UPat Boone, neqembu elinjalo, uErnie Ford, labobafo, abaculi abakhulu; futhi bathathe amathalente abo, lawomathalente abawaphiwe

nguNkulunkulu, futhi balisebenzisele ukufaka ugqozi i—imisebenzi kadeveli. Kunjalo. Omunye umculi omkhulu bethengisa ngamathalente abo abawaphiwe nguNkulunkulu benzela udumo kulelizwe, ukuba babe ngumuntu othize. Ubungake ube usaba kanjani ngu “mzimba” kunoma ubungenza, ukuba ube ngumuntu othize, kunokuba yindodana kaNkulunkulu na?

211 Angikhathali uma unedolobha lonke, umhlaba wonke, futhi ungabemukelanga ubuholi bokuPhila okuPhakade ngoMoya oNgwele (uKristu), uzokwenza kanjani. . . Ungubani wena, empeleni na? Ungofile osazofa, ufile esonweni naseziphambukweni! Okholwayo njengoba ufuna ukuba nguye; othembeke njengoba ufuna ukuba nguye ebandleni; umshumayeli, uma ufuna ukuba sepulpiti; kodwa ukwala, ufile!

212 Wayeyimpumelelo enkulu. Wayeyimpumelelo enkulu lapha kulempilo. Impela. Simthola lapho esiqaphela khona. . . Manje-ke sithola lomfo, ukuthi waya. . . Simlandela kancanyana, futhi siyabona wathola ukuphumelela okukhulu. Futhi simlandela ngeBhayibheli. Siyaqaphela ukuthi u—u. . . Simthola eyisicebi. Unezindawo ezinkulukazi ngempela, wayebungaza umahluleli nemeya yedolobha, noma yini okunye. Uphezulu esiqongweni sophahla, futhi uneziphihli ezinkulu zamadili; nenqwaba yoweta, nabesifazane, namantombazane, nayo yonke enye into, emzungezile. Futhi kunompofu olele esangweni, ogama linguLazaru. Ushanela invuthuluka ayisusele kuye. Siyayazi indaba. Into elandelayo, uqhubekela ekuphumeleleni, njengamabandla nje namhlanje ayakuthola.

213 Usomabhizinisi ehlezi lapha, engitshela, “Khona lapha eCalifornia, ukuthi ibandla lizodingeka litshela inyunyana yabasebenzi ukuthi ayenzi.” Niyabo, kuba yibandla nombuso futhi. Kukini ngqo. Niyabo, niphakathi ngqo lapho, futhi nithatha uphawu lwesilo ningalwazi.

214 Uma nake nayithenga enye yamateyipu ami, tholani lena, uma Ngiyithola—uma seNgifika ekhaya, *UMkhondo WeNyoka*; futhi nizobona ukuthi ukuphi, nibone ukuthi lokhu kuphelelaphi. Ngiya ekhaya manje ukuyokhuluma, uma iNkosi ithanda. Uthi awube ngamahora amane, ngakho angikwazanga ukuwugcina komunye womhlangano onjengalona. Ngidingeka ngenyukele lapho lapho khona ibandla lingibekezelela isikhathi eside kangaka, ngokubekezela. Qaphelani. Kodwa manje ungalalela eteyipini ngesinye isikhathi ekhaya lakho.

215 Qaphelani lokhu, manje sithola ukuthi wayeyimpumelelo enkulu. Bese-ke simthola kamuva waze waba yimpumelelo enkulu ngokuthe xaxa, waze wathi, “Nginokuningi kakhulu!” Mfana, wayengenza umfo wangokoqobo ngempela walolusuku. Wayengeke na? “Ngisho nezinqolobane zami isiqumbile,

ziyaqhuma. Futhi nginokuningi kakhulu ngaze ngathi, ‘O, mphefumulo, phumula.’”

²¹⁶ Kodwa, akwenze ekuqaleni, wenqaba ubuholi bukaJesu Kristu. Ibandla lakhe, ubuhlakani bakhe, imfundo yakhe, nakho konke, kumholele empumelelweni. Onke amaJuda ayemthanda. Uyawapha, wayewasiza, angahle ukuba wayenze *lokhu, lokho*, noma *okunye*. Kodwa, niyabo, wenqaba u—u—ubuholi bukaJesu Kristu, ukuPhila okuPhakade. Nalokho...IBhayibheli lathi, Wathi, “Siwula, ngalobubusuku umphefumulo wakho uyafuneka.”

²¹⁷ Futhi manje simthola (indawo elandelayo) esihogweni; ephakamisa amehlo akhe futhi ebona lowo ompofu, amxoshela emgwaqeni, esezifubeni zika Abrahamama. Iphutha eliwukufa okunje pho! Ukuthi amabandla ayekade—kade—kade—kade—kade elungile ngendlela ahambe ngayo, kodwa ayesalokhu engenakho ukuPhila okuPhakade.

²¹⁸ Kungikhumbuza ngentshumayelo engayishumayela lapha kungekudala, *Ihluzo Lendoda Ecabangayo*. Ningahle ukuba naba nayo. Ngangihamba, ngihamba ngidabula emahlathini, ngizingela izingwejeje (lekwindla) ngase ngibheka phansi. Futhi, kusobala, ngeke ngayibiza inkampani kasikilidi. Niyayazi. Futhi nakho kulele i—ipaki likasikilidi lilele lapho. Futhi nje ngedlula ngakulo, ngicinga...emahlathini. Ngase ngilibona lelopaki lilele lapho, ngase ngibheka emuva futhi, lalithi, “Ihluzo lendoda ecabangayo, ukunambitha kwendoda ebhemayo.” Ngaqala nje ukuqhubeka ngidabula emahlathini.

²¹⁹ NoMoya oNgcwele wathi, “Jika bese ulicosha lelo.”

²²⁰ Ngagoba ngase ngilicosha, “Ihluzo lendoda ecabangayo, ukunambitha kwendoda ebhemayo.” Ngacabanga, “Ifemu yaseMelika lapha, ithengisa ukufa phansi kokuzifihla, kwizakhamizi zabo zaseMelika uqobo.” Ihluzo lendoda ecabangayo? U...Nokunambitha kwendoda ebhemayo na?

²²¹ NgangiseMbukisweni woMhlaba, noYul Bryan... UBrynner, nabo enhla lapho, ngenkathi enikeza konke lokho kuhlola. Nokuthi wawubeka kanjani usikilidi owodwa wase emunca i...emabuleni wayesethatha i...Wesula injimbilili wayeseyibeka emhlane wegundwane, igundwane elimhlophe, futhi ezinsukwini eziyisikhombisa lase ligcwele kakhulu umdlavuza lalingasakwazi ukuhamba. Base bethi, “Niyazi, bathi ‘ihluzo,’” bathi, “yiqhinga, ithengisa osikilidi abaningi.”

²²² Kuthatha eningi kakhulu injimbilili ukwenelisa lowodeveli. Kunjalo. Futhi uma uthatha usikilidi ofakwe ihluzo, kuthatha cishe osikilidi abane ukuthatha indawo yowodwa. Kuyiqhinga lokuthengisa osikilidi abaningi. Ungeke waba nentuthu ngaphandle uma unetiyela; netiyela, unomdlavuza. Niyabona ukuthi kukanjani na? NamaMelika ayizimpumputhe, abheke ukuba kuphume unogwaja esigqokweni ndawondawo,

bathathwa yikho. Ungeke waba nakho; ngukufa, angikhathali ukuthi uya ngaphi, ngukufa noma ngabe uya ngaphi. “Ihluzo lendoda ecabangayo,” indoda ecabangayo ibingeke yabhema nhlobo, kunjalo, uma ikhona imicabango enayo sidalo.

²²³ Awu, ngicabange ukuthi lokho nje kuhambisana namabandla. Niyabona? Ngiyacabanga, uNkulunkulu unalo ihluzo na? Yebo.

²²⁴ Futhi onke amabandla anehluzo. Kunjalo. Ahluza lowo ongenayo, futhi adedela inqwaba yokufa ingene nayo.

²²⁵ Ubungake uze ulidonse kanjani ihlelo ledlule eHluzweni likaNkulunkulu na? Ungakwenza kanjani na? Ubungake umdonse kanjani owesifazane ophungule izinwele edlule kuleloHluzo na? Ngitshele. Ubungake uze umdonse kanjani owesifazane ogqoka amabhulukwe amasleksi edlule Lapho, kube “Kuyisinengiso kuye ukuba agqoke ingubo engeyowesilisa”? Niyabo, iHluzo likaNkulunkulu belingambamba ngaphandle lapho, Belingeke limyeke angene. (Kodwa ibandla banamahluzo abo.) Ngakho ngithi kuneHluzo lendoda ecabangayo, lelo yiZwi likaNkulunkulu, futhi Lenela ukunambitha kwendoda engcwele. Kunjalo, indoda engcwele; hhayi indoda yebandla, kodwa ukunambitha kwendoda engcwele. Ngoba Limsulwa, ubungcwele, iZwi likaNkulunkulu elingaxutshwe nalutho! Nanto iHluzo lendoda ecabangayo. Futhi lunga lebandla, ngiyakweluleka ukuba usebenzise Lelo.

²²⁶ Ngoba lingenisa izwe, nenhlama eyodwa yalo ingukufa. Inhlama eyodwa iyavubela, imvubelo encane eyodwa ivubela inhlama yonke. “Oyokhipha iZwi elilodwa kuLeli, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.”

²²⁷ ENsimini yase-Edene, okwabangela ukufa, nalo lonke lolusizi, nabo bonke ubuhlungu benhliziyo, wonke umntwana omncane ofayo, konke ukuhhodlozela emphinjeni, onke ama ambulense adazulukayo, zonke izibhedlela, onke amathuna? Kwakungenxa yokuthi uEva wangabaza iZwi *elilodwa* (hhayi konke okwaLo), kwaLiphendukezela nje. Manje, uNkulunkulu wathi, “Umuntu,” lapho, “wayefanele awagcine *onke* amaZwi kaNkulunkulu.” Manje, lokho kungokokuqala kweBhayibheli.

²²⁸ Maphakathi neBhayibheli, uJesu uyafika, Wayesethi, “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi *onke* aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Hhayi nje ingxenye yaWo, onke.

²²⁹ Ekugcineni kweBhayibheli, iSambulo 22, uJesu unikeza ubufakazi baKhe uqobo. ISambulo se—seBhayibheli nguJesu Kristu. Futhi Wathi, “Oyosusa iZwi *elilodwa* lapha, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.”

230 Manje, wedlula ku *lelo* Hluzo lendoda ecabangayo, uyoba nokunambitha kwendoda engcwele ngenkathi uphuma Lapho. Kunjalo. Uyoba nokunambitha okunobungcwele.

231 Dade, wena ogqoka lezozingubo, kucabange. Uzo... Wena uthi, “Ngingoneziqiniseko zobumsulwa kumyeni wami.” “Ngingoneziqiniseko zobumsulwa esokeni lami.” “Ngingoneziqiniseko zobumsulwa entombini.” Kodwa kuthiwani ngesoni esikubukayo na? Ngenkathi sesiphendula ngokuphinga, ubani owakwenzayo na? Niyabo, uyoba necala. Ukubona kulotshwe eZwini, ngakho ku...Niyabo? O, yiba ngowesifazane ocabangayo. Yiba ngocabangayo... .

232 Ungahle uthi, “Kungahle... .” Awu, uma-ke kwenzeka kuba ngaleyondlela na? Washo njalo, neZwi elilodwa lingehluleke. Niyabo?

233 Indoda enkulu yangitshela kungekudala, yangibizela ekamelweni layo, yathi, “Ngizobeka izandla phezu kwakho, Mfowethu Branham. Uyayona inkonzo yakho, ushumayela izinto ezinje.”

234 Ngathi, “Noma yiyiphi inkonzo iZwi likaNkulunkulu eliyoyona, ifanele ukoniwa.” Niyabo?

235 Yathi, “Ngizobeka izandla phezu kwakho.” Yathi, “Wathunyelwa ukukhulekela abagulayo.”

236 Ngathi, “Uyazikholwa lezozinto, mfowethu na?”

Yathi, “Qhabo. Kodwa akusiwo umsebenzi wethu.”

Ngathi, “Kungumsebenzi kabani, pho?” Niyabo?

“Awu,” yathi, “lowo ngumsebenzi kamelusi.”

237 Ngathi, “Buka inhlangotho yebandla.” Ehhe. Kunjalo. Niyabo?

238 Njalo ngonyaka ngidlula ekushumayeleni lezizinto, futhi ngiyacabanga, “Impela bayaLithola,” ngonyaka ozayo ngiyabuya, sekukuningi kunokwake kwabakhona. Niyabo? Kunjalo. Kukhombisa ukuthi “Baningi ababiziweyo kepha bayingcosana abakhethiweyo.”

239 Ubuholi nguMoya oNgcwele, mngani. Uyakuholisa futhi akuqondise kulolonke iQiniso, nxa Yena uMoya oNgcwele efika. Manje cabanga ngalokho. Thatha iHluzo lendoda ecabangayo, lelo yiBhayibheli. Hhayi isivumokholo sakho, hhayi ibandla lakho; uzolahleka. Thatha iHluzo lendoda ecabangayo.

240 Yilapho lowomfana engacabanganga khona. Wathatha ihluzo lebandla. Uba ngothandwa ngabantu, indoda enkulu, “Kepha sesisehayidese saphakamisa amehlo aso, sisebuhlungwini.”

241 Manje thatha iHluzo lendoda ecabangayo, uJesu Kristu, iZwi, futhi uyofisa ukunambitha komuntu ongcwele, ngoba

Liyokwenelisa lokho. Uma unoMoya oNgcwele kuwe, Leli liyakwenelisa.

242 Uma uMoya oNgcwele engekho lapho, wena uthi, “O, awu, angicabangi ukuthi lokho kusho noma yimuphi umehluko.” Buka okwenze khona lapho! Into efanayo eyenziwe nguEva. Ubuyela ngqo endaweni efanayo.

243 Manje ake sithi ukuqhubeka kancane. Manje asithathe... sishiye leyondoda lapho, engalisebenzisanga iHluzo lendoda ecabangayo. Yala ukwemukela ubuholi bukaJesu Kristu, ukuPhila okunaPhakade.

244 Manje asithathe omunye ocebile, usomabhizini osemncane, umbusi nethuba elifanayo lendoda eyayinalo. Futhi uyaLemukela, wemukela ubuholi bukaKristu. Manje, kunababili eBhayibhelini esizokhuluma ngabo. Leyo eyodwa esiyibonayo eyaKwalayo, manje asithathe lendoda: omunye ocebile, usomabhizinisi osemncane, nombusi. Futhi wemukela uBuholi.

245 ImiBhalo iyasitshela ngalomfo, uma nifuna ukukumaka phansi, kumaHeberu 11:23 kuya kwelama 29.

...UMose, ngokukholwa, *wala ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro;*

Kunalokho wakhetha ukuphathwa kabi nguNkulunkulu...

Ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunayo yonke ingcebo yaseGibhithe:...

246 Niyabo, wemukela ukuPhila okuPhakade. UMose wathi u—u—ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunengcebo yonke izwe elalinyayo. UMose wathi Lokho kukhulu kunakho konke. Manje, lesisicebi asizange.

247 NoMose wayengocebile, umbusi osemncane, uba nguFaro. Wayeyindodana kaFaro, futhi wayeyindlalifa esihlalweni sobukhosi. Futhi wabuka phandle kokungenakwenzeka, isigejane sabanameka ngodaka, isigejane sezigqila. Kodwa ngokukholwa wabona isithembiso sikaNkulunkulu, ngeZwi, “Ukuthi abantu bakubo babeyogogobala ezweni lezizwe iminyaka engamakhulu amane, kodwa babeyokhishwa ngesandla esinamandla.” Futhi wathi Lokho (haleliya) kuyimfuyo enkulu kunengcebo yonke yaseGibhithe, ngokuba walishiya iGibhithe engazi lapho ayeya khona. Wayeholwa nguKristu. Washiya!

248 Futhi wayenonyawo lwakhe lusesihlalweni sobukhosi, futhi wayengaba—ngaba nguFaro olandelayo eGibhithe. Kodwa wathanda ukuthukwa ngenxa kaKristu. Ukuthukwa! Ukubizwa ngalowo “oyinqaba,” abizwe ngalolo “hlanya,” ukuthatha indawo yakhe kanye nabanameka ngodaka nezinhlanga; ngoba

ubonile ukuthi ihora, ukuthi umBhalo wethenjiswa ukuthi ugcwaliseke, wawulapho ngaleyonkathi.

²⁴⁹ Futhi O bandla, phaphamani! Aniyiboni into efanayo kulobubusuku na? Ihora ebelithenjisiwe liphezu kwethu. Ethu ukuthukwa ngenxa kaJesu Kristu kuyimfuyo enkulu kunehlanguyelo yonke yanoma yini; uma kuthatha ubaba nomama, ibandla, noma yini enye. Landelani ubuholi bukaMoya!

²⁵⁰ Asilandele loKristu okwemibalwa, loMose, okwesikhashana. Lapho ngikwenzile lokho; asibhekisise impilo yakhe. Into yokuqala, ngenkathi esekwemukele ukuthatha ukuthukwa ngenxa kaKristu futhi washiya imfundo yakhe, washiya konke okokuhlakanipha kwakhe... Wafundiswa kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe. Nakho konke okokuthandwa kwakhe ngabantu, isihlalo sakhe sobukhosi, intonga yakhe yobukhosi, ukuba yinkosi kwakhe, umqhele wakhe, yonk'into ayenayo, wayenqaba!

²⁵¹ Nalona omunye umfo wayekufuna, futhi wala uKristu; nalendoda yakwala lokho, futhi yemukela uKristu. Futhi ngokushesha kwenzekani na? Wadingeka azehlukanise yena uqobo.

²⁵² Haleluya! Igama lichaza ukuthi "Akadunyiswe uNkulunkulu wethu!" Kubi kakhulu ukuthi siyakukhohlwa.

²⁵³ Wenqaba izihlalo zobukhosi nokuthandwa ngabantu. Wayengaba namatshitshi nge... abafazi ngamakhulu, futhi wayengaba nezintonga zobukhosi phansi kweGibhithe, abuse umhlaba! Umhlaba wawubekwe ngqo ezinyaweni zakhe, futhi wayeyindlalifa kukho konke nokuncu kwawo. Kodwa ngokubuka emBhalweni futhi ebona usuku ayephila kulo, futhi wazi leyoNto ethize kuye, leyoMbewu kaNkulunkulu emiselwe ngaphambili yahamba yayosebenza!

²⁵⁴ Angikhathali ukuthi ubungathandwa kanjani ngabantu, noma *lokhu* bekungaba njani, ubungaba yigosa, ubungaba ngumelusi, ubungaba yi *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa uma leloZwi lokuPhila okuPhakade ngeZwi likaNkulunkulu limiselwe ngaphambili kuwe, futhi uyibona into iseduze, ihamba iyosebenza, iphuma kanjalo. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kaningana—Umhl.] Qala ukuphuma! Uqala ukuYithola!

²⁵⁵ Futhi wala ukubizwa ngokuthi indodana yendodakazi kaFaro, ngoba wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunemfuyo yonke yaseGibhithe noma umhlaba. Ethanda Lokho. Bhekisisani ukuthi wenzeni, waKulandela. Phezulu, ngokushesha waxoshwa kubantu bakhe, abantu abake bamthanda.

²⁵⁶ Kungahle kukulahlekisele ngayo yonke into onayo. Kungahle kukulahlekisele ngekhaya lakho,

Kungahle kukulahlekisele ngobungani bakho, Kungahle kukulahlekisele ngephathi yakho yesitishi-no-kuthunga, Kungahle kukulahlekisele ngendawo yakho kumaKiwani. Kungahle. Angazi ukuthi Kuyokulahlekisela ngani, kodwa Kuyokulahlekisela ngayo yonk'into engeyokwezwe noma engeyewe. Uyodingeka uzehlukanise nayo yonk'into engeyokwezwe. Uyofanele ukwenze.

²⁵⁷ UMose wabeka yonk'into eceleni wayeseyongena ogwadule nenduku esandleni sakhe. Amen! Izinsuku ngezinsuku zedlula. Futhi angazi noma wacabanga yini ukuthi wenza iphutha na? Qhabo.

²⁵⁸ Izikhathi eziningi abantu baqala ukuphuma, futhi bathi, "O, ngizokwenza. Udumo kuNkulunkulu, ngiyaKubona!" Ake uhlekwe ngomuny'umuntu futhi ahlekise ngawe, "Mhlawumpe benginephutha."

²⁵⁹ Wathi, "Labo abangayikukumela ukulaywa bangabantwana besihlahla futhi abasibo abantwana bankaNkulunkulu." Niyabo, basetshenzwe emadlingozini. Niyabo, imbewu engikhulume ngayo esikhashaneni esedule, lowomphefumulo wawungekho lapho kwasekuqaleni nje. Kwagcotshwa ngoMoya, futhi wenze zonke izinhlobo. O, wena, ba...Uma umoya wakho ugcotshiwe, unga...Ungowangempela, uMoya oNgcwele wangoqobo, futhi usangalokhu ungudeveli.

²⁶⁰ "O," wena uthi, "Mfowethu Branham!"

²⁶¹ Abaprofethi bamanga! IBhayibheli lathi, "Ngezinsuku zokugcina kuyobakhona abaprofethi bamanga." UJesu wathi, "Kuyakuvuka okristu bamanga." Hhayi "oJesu bamanga," manje, akukho-muntu oma athule ngalokho; kodwa "okristu bamanga." Ukuthi *Kristu* kusho "abagcotshiwe." Abagcotshwe ngokwamanga; bagcotshiwe, kodwa banamanga phansi ekugcineni kwakho, futhi benza izibonakaliso nezimanga ezinkulu, bakhuluma ngezilimi, basina eMoyeni, bashumayela iVangeli.

²⁶² UJuda Iskariyotho wakwenza! USimiyoni...noma qha, ngiya...UKayafase waprofetha! UBalami, umzenzisi! Impela, wenze zonke izibonakaliso, yonk'into, yonke iminyakazo yezenkolo.

²⁶³ Kodwa, niyabo, faka imbewu kagudluthukela nembewu kakolo embhedeni ofanayo bese uthela amanzi ehlele phezu kwazo bese uzigcoba, ziyothokoza zombili. Zombili ziyokhula ngawo, amanzi afanayo. "Ilanga likhanya phezu kwabalungile nabangalungile, nemvula ina phezu kwabalungile nabangalungile, kodwa niyakubazi ngezithelo zabo." Ungakubalekela kanjani ukuba semgqeni neZwi na? Amen. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? "Amanzi ehlela phezu kwabalungile nabangalungile," abagcotshiwe.

264 UJesu wathi, “Bayakuza kiMi ngalolosuku, bathi, ‘Nkosi! Nkosi! Angikhiphanga yini amademoni na? Angiprofethanga yini na? Angenzanga yini izinto ezinkulu ngeGama laKho na?’” Uyothi, “Nina benzi bokubi, sukani kiMi, aNginazi ngisho. Yanini esihogweni esiphakade esilungiselwe udeveli nezingelosi zakhe.” Niyabo? IZwi elinje pho! Nokwamanga. Bakhonza ngeze, bekhuthazelela ize. Nikwenzelani lokho nibe ningadingekile ukuba nikwenze na? Nithathelani isibambiso abe amaZulu engcwele okwangoqobo na? Niyabo? Anidingekile ukuba nenze lokho.

265 Manje sithola uMose egcotshiwe, akukho okwakungambuyisela emuva. Abafowabo uqobo bamala; lokho akummisanga. Waqhubeka ngqo wangena ehlane. Futhi ngoluny’usuku phandle lapho, wahlangana noNkulunkulu ubuso nobuso, neNsika yoMlilo ilenga esihlahleni. Yathi, “Mose, khumula izicathulo zakho, umhlabathi wakho omi kuwo uNgcwele. Ngokuba Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngikuzwile ngokububula kwabo, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi seZwi. Futhi Ngiyehla, Ngizokuthuma ezansi lapho ukuba ubakhiphe.” Impela. Wahlangana noNkulunkulu ubuso nobuso, wakhuluma naYe. Wathunywa nguNkulunkulu.

266 UNkulunkulu ubuya ngqo, leyoNsika yoMlilo efanayo, wayeseqinisekisa lowomprofethi emi khona lapho entabeni; ukufakazisa ukuthi kwakunjalo, ngenkathi Ethatha izandla zakhe wayesenza zonke izinhlobo zezimangaliso nezinto. O, babenabazifanisayo. O, impela. Kwakukhona uJambre noJane, bama bazungeza ngqo, benze into efanayo abayenzayo. Kodwa ubani owayengowasekuqaleni na? Niyabo? Kwaqalaphi na? Ngabe kwavela eZwini na? Kwakuyihora na?

267 Futhi niyazi yini ukuthi into efanayo iyathenjiswa futhi ngezinsuku zokugcina na? “NjengoJambre noJane bamelana noMose, ayokwenzenjalo nalamadoda, anengqondo yokunganaki iQiniso.” Niyabo, ngezinsuku zokugcina. Futhi enza into efanayo, (bazifanisa nayo yonk’into), aqhubekela ngqo esihosheni esifanayo, “Ingulube iya ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo.”

268 Nina maPhentekoste eniphuma kulezozinhlangano eminyakeni eyedlula futhi nabaqalekisa, oyihlo nonyoko; futhi nabuyela ngqo emuva ngakhona futhi nenza into efanayo abayenzayo, futhi manje ukuzibhixa okufanayo nobuhlanzo. Niyabo? Uma kwenza iBandla lakuhlanza lakukhipha onyakeni wangasekuqaleni wePhentekoste, kuyoLenza likuhlanze likukhiphe futhi namhlanje. Niyabo? Kuzofanele kube njalo, nokho, yikhoba, lizofika. Intshakaza ingeke yaba yiyo yodwa kuphela; ikhoba lizofanele lifike, niyabo, umthwali. Manje siphila ezinsukwini *zokugcina*, bhekisisani izinto ethenjiselwe ihora.

269 Bhekisisani loMose waqinisa. Yazi! Ngenkathi ephumela lapho, abanye babazalwane bakhe uqobo bamvukela, babefuna ukwenza inhlango. Bathi, “Ushaya sengathi nguwe kuphela umuntu ongcewele phakathi kwethu.” “Yonke inhlango ingcewele,” kwasho uKora, uDathani. “Asikhethe sikhipe amadoda futhi senze into ethize.”

270 UMose, u... Ngamdabukela. Wehla, wathi, “Nkosi...” Wawa phansi phambi kwe altare wayesethi, “Nkosi!”

271 UNkulunkulu wathi, “Zahlukanise nabo. Sengenele yikho.” Wavula umhlaba nje wawusubagwinya bonke. Yilokho kuphela. Niyabo, wayekwazi ukuthunwa kwakhe.

272 UNkulunkulu akasebenzani nezinhlangano, Akasebenzani namaqembu. Usebenzana nabantu ngamunye. Kunjalo. Njalo. Hhayi ngamaqembu; abantu ngamunye, umuntu oyedwa. Ngezinsuku zokucina, Wathi, “Ngimi emnyango ngingqongqotha, futhi uma noma yimuphi umuntu...” (hhayi “noma yiliphi iqembu”) “. . . noma yimuphi umuntu oyozwa iPhimbo laMi, Ngiyo. . . futhi aNgizwe, Ngiyongena kuye futhi ngidle.” Niyabo, “Uma noma yimuphi umuntu engezwa.”

273 Ungakwenza kanjani—ubungakwenza kanjani lombhobho manje ukuveza iphimbo lami phandle lapho ngaphandle uma wenziwa kanjena na? Bengingadazuluka kuleloplangwe, onke amandla ami, futhi belingeke lenze lutho. Ngoba lokhu kumiselwe, futhi kwenziwa, kwadalwa, umbhobho. Futhi uma iZwi likaNkulunkulu likuwe kusukela ekwazini-phakade kukaNkulunkulu, kuwe, “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi. Ziyalazi ihora laMi. Umfokazi aziyikumlandela.” Niyabo? Kuzofanele kube yilokho kuqala. “Konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza.” Bonke, niyabo.

274 Manje uyaqhubeka, ekupheleni kokuphila lapha. Wedlula kuphela. . . Qaphelani ngenkathi efika ekupheleni kwendlela.

275 Futhi siyavala manje ngoba sekuba leyithi, imizuzu engamashumi amabili-nanhlano nce kushaye eleshumi. Qaphelani. Manje, ekhaya lokho kuse eli. Ciske elesibili noma elesithathu nqo siqala ukuthi, “Ake nisho, sekuthi ukuba leyithi kancanyana.” Niyabo? Niyabo? Kodwa manje, sengishumayekele ubusuku obuningi, ubusuku bonke gulunqu.

276 UPawulu washumayela leliVangeli elifanayo ngosuku lwakhe, nensizwa yawa isuka o—odongeni futhi yazibulala. NoPawulu, enalologcobo olufanayo, enaleloVangeli elifanayo, wabeka umzimba wakhe phezu kwayo, ibuye iyaphila. Babekhathalele. Ibandla lalibunjwa. Ikhona into eyayenzeka. Qaphelani ukuthi kwenzekeni lapha.

277 UMose, ngenkathi ehla. . .

278 Lesisicebi, ngenkathi sehla, noma, umbusi osemncane esikhulume ngaye, konke okokukholwa, futhi engowebandla

nayo yonk'into, kukuhle, efundisiwe, usomabhizinisi okahle, nayo yonk'into, esefika ekupheleni kwendlela, uqala ukudazuluka, "Akukho-ndawo yokuhamba!" Buphi ubuholi bakhe na? Wayekade eholwe yibandla lakhe, elifile. Wayekade eholwa yizwe elifile, futhi kwakungekho lutho kuye ukuba angene kukho kodwa lokho izwe elalikulungiselele: isihogo.

²⁷⁹ Kodwa nakhu kufika uMose, inceku ethembekile eyathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunemfuyo yonke yaseGibhithe. Ufika ekupheleni kwendlela, indoda endala, iminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala. Wenyukela entabeni, futhi wayaza ukuthi ukufa kwakulele phambi kwakhe, futhi wabuka ngale ezweni elithenjisiwe. Wayesebuka; elele lapho eceleni kwakhe, wayelapho uMholi wakhe, iDwala. Wakhwela phezu kweDwala, neziNgelosi zikaNkulunkulu zamthwala zamyisa eNkazimulweni—iNkazimulo kaNkulunkulu, wangena ezifubeni zikaNkulunkulu. Ngani na? Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, wayesalokhu eholwa nguMholi wakhe.

²⁸⁰ Simthola ngale eNtabeni yokuPhenduka esinye isimo, emi lapho noElija, bekhuluma kuJesu ngaphambi kokuba Aye esiphambanweni, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili emva kokufa. Lo—lo athi ngaYe uhlonishiwe, lo uthukwa ngenxa yenkonzo yakhe, ingcebo enkulu kunakho konke ukuthandwa ngabantu bezwe nayo yonke imali yezwe, uMholi wakhe wayesalokhu emhola. O! he! Wayeholwa! UMholi wakhe, Wahola kwadlula nasekufeni, amathunzi okufa. Waholelwa ethuneni. Amakhulu eminyaka kamuva, lapho wama futhi, njengasebusheni bakhe, wayekhetha ubuholi bukaMoya oNgcwele. Igama lakhe liyoba likhulu lapho kungasekho lutho eGibhithe noma ingcebo. Lapho izivivane seziluthuli, futhi lapho iGibhithe lingasesilo iGibhithe, uMose uyobe engongasafi phakathi kwabantu ngoba wemukela ubuholi bukaKristu esikhundleni sokuhamba ngendlela ibandla lakhe elahamba ngayo.

²⁸¹ Kunabanye abenza into efanayo. Bukani uEnoke. Wahamba noNkulunkulu iminyaka engamakhulu amahlanu, wayesebake nobufakazi bokuthi "Wamthokozisa uNkulunkulu." UNkulunkulu wayebuqinisile, futhi wathi, "Asikho isidingo sakho ukuba ufe, yenyukela eKhaya nje ngalentambama." Wayesenyuka.

²⁸² NoElija. Emva kokubaklabalase abesifazane abaphungule izinwele nayo yonk'into, njengoba enza ngosuku lwakhe, oJezibeli nopende kubo, emva kokuba esegcwele kakhulu khona, futhi—futhi esenze konke ayengakwenza, nabo bonke labobapristi behlekisa ngaye, nayo yonke eny'into, wehlela emfuleni ngoluny'usuku. Futhi ngaphesheya komfula nje kwakungamahhashi ehintshelwe esihlahleni laphaya, inqola

yomlilo namahhashi omlilo. Wagibela ngqo waqhubeka, wayesentshinga ingubo yakhe ende kumprofethi olandelayo ukuba amlandele, wayesenjukela eZulwini. Walandela ubuholi bokuPhila okuPhakade, ngoba kwakunguKristu owayekuElija. O! Yebo, mnumzane!

²⁸³ Kwakuyini na? “Ngilandele!” Manje ufanele ulandele umholi *wakho*. Nifanele nikukhethe, bangani. Bukani engilazini kaNkulunkulu yokubuka, iBhayibheli, futhi nibone ukuthi nikuphi kulobubusuku.

²⁸⁴ Indaba encane. Umfanyana, ngesinye isikhathi, wayakhe ngaphandle emaphandleni. Wayengakaze asibone isibuko, futhi wafika edolobheni ukuzobona udadewabo kanina. Futhi wayenekhaya... namakhaya ayifeshini endala ayevame ukuba nesibuko emnyango; angazi noma niyakukhumbula yini lokho noma qha. Kodwa lomfanyana, wayengakaze asibone isibuko. Ngakho udlala ngasendlini, wayesebuka i... “Hhe?” Wabuka lowomfanyana. Wayesevayizela, nomfanyana wavayizela. Wayesedonsa indlebe yakhe, nomfanyana wadonsa indlebe yakhe. Futhi eqhubeka kanjalo. Wayelokhu enyuka, esondela, wayesephenduka wayesethi, “Mama! Yimi lowo!” Yimi lowo.

²⁸⁵ Ubukeka kanjani *wena* na? Ulandelani *wena* na? Senzeni na? Ufanele ukhethe *umholi* wakho. Khetha namhlanje. Ukhetha ukuPhila noma ukufa. Ukukhetha kwakho kuyonquma isiphetho sakho saPhakade, okukhethayo. Khumbula, uJesu wathi, “Ngilandele.” Futhi uyamenywa kulobubusuku ukuba wenzenjalo. NokuMlandela ekuPhileni okuPhakade ufanele uze ngokuvumelana naYe, kunjalo, iZwi. Hhayi phezu kwesivumokholo, hhayi phezu kombono womphakathi, hhayi phezu kwalokho okucatshangwa yinoma ubani omunye ngaLo, kodwa phezu kwalokho uNkulunkulu akusho ngaLo.

²⁸⁶ Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ngazi owesifazane olunge ngakho konke nje, wenza *lokhu*. Ngazi indoda eyedlula *kulokhu*.”

²⁸⁷ Akukho engingakwenza ngabakwenzile. IZwi likaNkulunkulu, Wathi, “Onke amazwi omuntu mawabe amanga, nawaMi abe yiQiniso.” Ufanele uze ngokuvumelana naYe, uze ngezimo zaKhe, iZwi. Ungeze ngesivumokholo. Ungeze ngehlelo. UngeLixube kanjalo. Yinye kuphela into ongayenza: Lemukele ngokwesivumelwano saKhe, ukuthi uyavuma ukufa kuwe uqobo nayo yonke imicabango yakho, futhi uMlandele. “Susa zonke izinto zezwe, bese uNgilandela.”

²⁸⁸ Ngiyazi lowo ungoqinile, uMlayezo osikayo, mfowethu. Kodwa angizanga lapha futhi ngakhetha u—umlayezo oya kubantu ukuba nje ngizame ukubenza bacule, bamemeze, bampopoloze. Ngike ngaba semihlanganweni yabahedeni lapho benze into efanayo. Ngikhathalele impilo yakho. Ngiyinceku kaNkulunkulu ezophendula kuNkulunkulu

ngoluny'usuku, nenkonzo iNkosi engiphe yona iziqinisekise yona kazinkulungwane zezikhathi phambi kwenu.

²⁸⁹ Khumbulani, uJesu wathi, “Ngilandele. Ngilandele. Kususe onakho, futhi uNgilandele.” Futhi yileyondlela kuphela yokuba nokuPhila okuPhakade. Yilelokhambi kuphela Alinika lendoda, laliyilona-khambi kuphela Alinika losomabhizinisi, yilona-khambi kuphela Alinika noma ubani omunye. Ukukhetha kwaKhe, Wenza isinqumo saKhe, siphelene ngaso sonke isikhathi. Futhi sifanele *siMlandele*, yiyona-ndlela kuphela yokuba nokuPhila okuPhakade. Ngakho ubuholi bukaNkulunkulu bungukuthi: landela iZwi eliqinisekisiwe lehora ngoMoya oNgcwele.

Asikhothamise amakhanda ethu.

²⁹⁰ Ngizonibuza umbuzo, futhi ngifuna nibe qotho ngempela. Ngifuna udade angidlalele leli, *NginyaMuzwa uMsindisi Wami Ebiza*. Ngiyazi kungukubizela e altare kwakudala. Futhi mfowethu, dade, njengoba sibona, bukani nje ukuthi kwenzekani namhlanje. Manje amakhanda enu ekhothame, cabangani umzuzu nje, bukani ukuthi kwenzekani.

²⁹¹ Nilifundile iphephandaba ngeviki eledlule ukuthi leyondoda eNgilandi yathini na? Ukuthi “Ukubethelwa kukaJesu Kristu kwakuyinto-mbumbulu, kwakulungiswe nje phakathi kukaPilatu naYe.”

²⁹² Nabona ukuthi losiyazi wezenkolo waseMelika wathini na? Wathi “UJesu walaliswa nje ngokhula olulalisayo imandragora.” Abaningi benu bosiyazi bezenkolo niyazi, emuva lapho kuGenesisi lapho okwakhuluma khona ngokhula olulalisayo imandragora. Luyokulalisa sengathi ufile, inhliziyu yakho ishaya kal'khuni izinsuku ezimbili noma ezintathu. “Futhi ngenkathi beMnika uvinika nenyongo,” bathi, “lolo kwakulukhula olulalisayo imandragora. Futhi baMlalisahla lapho ethuneni, futhi Walala enhla lapho izinsuku ezintathu. Futhi, kusobala, ngenkathi benyukela lapho, baMthola ehambahamba.” Ungathini nje leyonto? Osiyazi bezenkolo, nosomakholiji, abazenzisa makholwa. Manje-ke kanjani ezweni. . . Indawo yokuqala, iBhayibheli lathi Wawala, ngenkathi bebeka uvinika nenyongo emlonyeni waKhe.

²⁹³ Eny'into, uma lokho kuba njalo, manje-ke kwakungani labobafundi “abafika base beMeba,” bayinikelelani impilo yabo ekufeleni ukholo ngaYe na? Futhi bawa, bazibala bona uqobo bengafanele ngisho nokufa njengoba Afa; bababhekisa phansi nangalucezu eziphambanweni nezinto. Futhi uma babe. . . bazi ukuthi Wayengumzenzisi nabo uqobo bengabazenzisi, babengayinikela kanjani impilo yabo ngaYe kanjalo na?

²⁹⁴ O, niyabo, yilolusuku lwezihlakaniphi esiphila kulo. Imfundo, impucuko, nenkambiso yesimodeni yosuku, konke ngokukadeveli. “Impucuko ekadeveli?” Yebo, mnumzane!

IBhayibheli lathi yiyo. Lempucuko inokufa. “Siyoba nempucuko enjenga le kwelinye izwe na?” Qhabo, mnumzane! Siyoba nohlobo olwehlukile lwempucuko. Imfundo, zonke lezizinto, ezikadeveli; isayense iphendukezela izinto zemvelo, yenza enye into ethize.

²⁹⁵ Bukani ukuthi benzeni kini manje. Ngenkathi amakhosazana... *IReader's Digest* yasho, iviki emva... enyangeni ephambi kwedlule, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo. *IReader's Digest* yathi “Izinsizwa nezintombi zedlula phakathi nendima yempilo, abesifazane ekunqamukeni ukuya esikhathini phakathi kweminyaka engamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala.” Esinye futhi isizukulwane, abazukuba yilutho kodwa... Kuyobukeka kwesabeka. Niyabo? Izidalwa eziyoba yikho, ezithanjisiwe, eziyimbucumbucu. Bukani u—bukani umoya, bukani ukuthi umoya ebandleni ungene kanjani, obhastelwe, uganane nezwe. O, ihora elinje pho! Balekani, bantwana! Balekani! Balekelani eSiphambanweni! Balekelani kuKristu, Makanihole.

²⁹⁶ Sisakhothamise amakhanda ethu, amehlo ethu evaliwe, ngicela nikhothamise inhliziyu yenu, ngesikhathi esifanayo. Nizokwenza na? Ngifuna ukunibuzisa umbuzo. Uyazibuka ngempela, kuNkulunkulu na? Futhi uyazizwa yini ukuthi awukho lapho o—ofanele ubekhona ngalelihora na? Isizathu uHlwitho lungafika noma nini. Uyabo, luzofika.

²⁹⁷ Bekungaba khona kuphela, uma—uma leyonkulumo-mbiko engiyenze esikhashaneni esedlule iqinisile, kuyobakhona cishe abantu abangamakhulu amahlanu oHlwithweni, aphilayo, abayogugulwa. Ngani, kuhlangukiswa amazwe onke enkolo yamaKristu, iKatolika nawo onke, kunabantu abayizigidi ezingamakhulu amahlanu kuphela, niyabo, kusho ubuKristu. Futhi oyedwa esigidini, kube ngabantu abangamakhulu amahlanu. Kunalabobantu abaningi kangako abalahlekayo nsuku zonke, emhlabeni jikelele, esingababali ngisho nabo. Niyabo, luyofika, futhi aniyikulwazi ngisho. Abantu bayoqhubeka beshumayela, futhi bethi... Niyabo, futhi kuyobe konke sekwedlule.

²⁹⁸ Njengoba uJesu asho. Bathi, abafundi bathi, “Basholoni ababhali, bathi, ‘UEliyase umelwe ukufika kuqala?’”

²⁹⁹ Wathi, “Usevele ufikile futhi animazanga, kodwa benza kuye abathi babeyokwenza.”

³⁰⁰ Uyazi ukuthi awulungisene noNkulunkulu, futhi uthanda ukukhunjulwa e... kuNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu uzobeka inhliziyu yakho ibe kahle noNkulunkulu. Ningazithoba nje manje, ngawo lomzuzwana othule impela, niphakamise izandla zenu na? Angikhathali ukuthi ungubani, ungakwenza na? Thana, “Ngizophakamisela izandla zami kuNkulunkulu.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

³⁰¹ Ngabe ubuka esiBukweni na? Ngikubuza eGameni likaKristu, ubuka esiBukweni sikaNkulunkulu na? [Umfowethu ukhuluma ngoluny’ulimi. Umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Amen.

³⁰² Ngifuna ukubuza into eyodwa. Bangaki phakathi lapha abangamaPhentekoste na? Phakamisa isandla, sakho abangamaPhentekoste. Ngokwangempela nonke. Manje, bangaki phakathi lapha abazisho ukuthi bangamaKristu na? Phakamisani izandla zenu, ndawo zonke enikuzo, ozisho ukuthi ungumKristu. Benazi yini ukuthi iBhayibheli lalikhuluma ngalokhu, ukuthi lokhu kuyokwenzeka na?

³⁰³ Ngisho nalokhu kwenzeka eTestamenteni eLidala ngenkathi babemangala ukuthi babezokwenzenjani, ukuthi babengakubalekela kanjani ukuvinjazelwa okwakuza. UMoya wehlela phezu kwendoda yayisibatshele ukuthi babezodibana kuphi nesitha, nokuthi kanjani, ukuthi basinqobe kanjani isitha. Lelo kwakuyiTestamente eLidala, lifana njengeLisha.

³⁰⁴ Manje, omunye umuntu angahle athi, “Leyondoda, o, lokho kwakungenjalo.” Kodwa uma kunjalo-ke? Wena uthi, “O, Ngikuzwile lokho ngaphambili.” Kodwa uma-ke *lokhu* kunjalo na? Niyabo, lokho kuyafakazisa-ke ukuthi phakathi lapha kunabaningi odinga uguquko lwenhliziyo, uma lowo kunguMoya oNgcwele ukhuluma. Kunezinto edinga ukwenziwa, ngakho manje kunani.

Njengoba nginje nje, ngingenaso nesisodwa isicelo,

Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,
Nokuthi Uyayala . . .

Yilokho-ke, Wakubiza ngalengkathi-ke nje.

. . . kuWe,

O Wundlu likaNkulunkulu, . . .

“Ngiyosusa leyonhliziyo enenkani, futhi ngifake inhliziyoyenyama kuyo, eyozinikela kiMi.” Niyabo?

. . . za!

Njengoba nginje nje, Uzongemukela,

Uzo . . .

Ungakwenza ukukhetha kwakho kulobubusuku na? Ugenza okukodwa phakathi kokufunayo.

. . . hlanze.

Wena uthi, “Ngikuzwile lokho ngaphambili.” Kodwa lesi kungahle kube yisikhathi sakho *sokugcina* ukuba uLizwe.

Ngoba isithembiso saKho ngiyasikholwa,

Ukubizelwa e altare okuyifeshini endala, sekuphumile esitayeleni namhlanje, kodwa uNkulunkulu usalokhu engena kukho. AniKuzwa kunihambisa, bandla na?

...ngiyeza!

305 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Njengoba Nginje Nje—Umhl.*] O, cabangani, namhlanje, izinhlizyo ziba yitshhe, zigwele izwe, abanganaki, amalunga ebandla, abasivivi, njengalowo ocebile, umbusi osemncane; futhi abazi ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu umile, ungqongqotha emnyango kuloNyaka waseLawodikeya. “Oyozwa iPhimbo laMi (iZwi), oyovula inhliziyo yakhe, Ngiyongena kuye futhi ngiyodla naye.”

306 NoMoya ukhuluma ngalomfowethu emizuzwini embalwa edlule, uthe, “Ngiyokhipha leyonhliziyo yetshe kini, futhi ngininike inhliziyo yenyama, ethambile ngakuNkulunkulu.” Bukani ukuthi isiba njani manje, i—isihlakaniphi nje, amadlingozi. Niyabo? Hhayi inhliziyo ethambile egcwele uthando nobumnandi ngakuKristu.

307 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha ikhorasi—Umhl.] Anilufuni lolohlobo lwenhliziyo na? Nizobhekana kanjani noKristu ninomqondo wezihlakaniphi ngaYe na? Nizofanele nemukele ukuPhila okuPhakade.

...lachithwa...

Ukulungiselela kwenziwa ngeGazi.

Nokuthi Uyayala...

Wenzani na? Wachitha iGazi laKhe. Futhi manje uyala wena, “Woza.”

...kuWe,

O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! ngiyeza!

308 Asithi, umKristu ngamunye, siphakamise izandla zethu nje ngokuthula manje futhi sikhuleke.

309 O Nkulunkulu, ngiyacela, Nkosi, bamba lolusuku esiphila kulo. O, kul’khuni kakhulu, Baba. USathane wenze okukhulu kakhulu nje kubantu. Izinhiziyo zabo sezibe ngamatshe. UMoya waKho ukhuluma kuzwakale ngqo; iZwi laKho liza ngaphambili, liyaqinisekisa; kodwa esiyifeshini endala, isehlakalo sokuzalwa ngokusha, ba...sekungena kowehlelo, umqondo wezihlakaniphi, inqwaba yomnyuziki, inqwaba yokumemeza, nenqwaba yokuqhubeka. Kodwa, ngempela, leyonhliziyo yenyama, lowoMoya, lokho kuPhila okuPhakade, ngempela Kuba ngokungaziwa ebandleni.

310 Nkulunkulu, kuyayephula inhliziyo yami, nami i—isoni esisindiswe ngumusa waKho. Kungenza ngizizwe ngiphatheke kabi kakhulu, Baba, ukubona ibandla Owlifelayo, ibandla Ozama ukulihlenga. Ngicabanga ngombono Onginika wona nje ngalelobandla laseUnited States nangamany’amazwe. Lalingelibukeka lenyanyeka kanjani ukuhhundula izingubo komculo wokuzibinya elaliyikho. Kodwa ndawondawo ngakhona ngibone kuphuma elinye, elibusisiwe.

³¹¹ Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uma noma yimuphi walabo lapha kulobubusuku omiselwe ukuPhila, noma ozothanda ukuKwemukela, ukuthi leli kuzoba yihora abazokwenza ngalo. Siphe khona, Nkosi. Hlakaza inhliziyi eyitshe manje, inhliziyi endala manje, inhliziyi endala yezwe. Futhi uma befuna ukuthula, bafuna into enelisayo, into enikeza isiqiniseko, kwangathi bangemukela ubuholi bukaKristu kulobubusuku ukuba bubaholele e—ekuThuleni okudlula ukuqonda konke, iNjabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo, noma ngisho into ethize ukufa qobo lwakho okungeyilimaze. Siphe khona, Baba.

³¹² Manje, izandla zethu ziphakeme, angazi noma . . . Bangaki endlini manje abazothi nje, “Ngizoma.” Manje, angikhathali ukuthi ubani ohlezi ngakuwe; NguNkulunkulu ekhuluma kuwe. Futhi ngempela ufuna ukuba ngumKristu wangempela. Niyabo? Noma yini ezo . . . Ngaphandle uma lokho kungukuzifanisa nokunye; o, ngingaqoka nje ukuqhubeka ngiphume futhi ngibe sezweni. Ngikholwa ukuthi beningakwenza, nani.

³¹³ Manje, zihlale wena nje ngeZwi, ngoMlayezo. Hlola ukuthi umKristu wangempela ufanele abe njani: omahhadlahhadla, othandayo, hhayi omunye walobu ubuKristu besimodeni. Ngani, buthambile, buyapeteka, bufe uhhafu, bubolile, buzalanisiwe. Niyabo, akusibo ubuKristu bangempela; uphile noma yiluphi uhlobo lwendlela, futhi ube ngokuba ngowebandla. Aniyithandi yini leyonhlanganyelo emnandi noKristu, uMoya oNgcwele, eni . . . ukuvumelana kwenhliziyi yakho uqobo neZwi, nenyukele ngqo kuKristu na? Uma nifuna lokho, futhi nizofisa uNkulunkulu ukuba abone ukuma kwenu kulobubusuku ngqo kuleliqembu labantu, uma nje nizokwenza.

³¹⁴ Wena uthi, “Lokho kukhona okuzokuchaza, Mfowethu Branham na?”

³¹⁵ O, yebo. Impela, kuyachaza. “Uma ninezinhloni ngaMi phambi komuntu, Ngiyakuba nezinhloni ngani phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele. Kodwa oyoNgivuma futhi aNgimele kulelizwe, Ngiyommela kuleloZwe. Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi.”

³¹⁶ Manje, akunandaba ukuthi ungubani, owesifazane, owesilisa, umfana, intombazane, noma ngabe ungubani, umKristu, noma awunguye umKristu, umfundisi, idikoni, noma ngabe uyini, uma nje uzokholwa ngenhliziyi yakho yonke, umzuzwana nje, futhi wenze lokhu okungaka kulobubusuku ukuba nje wazise uNkulunkulu ukuthi uqotho. “Nkulunkulu . . .”

³¹⁷ “Manje buka, ngiyiPhentekoste,” usho njalo. “Ngiyi *lokhu*,” kumbe noma ngabe uyini. “Ngiyazisho ukuthi ngisina eMoyeni. Kodwa, Mfowethu Branham, bengicabanga ukuthi inqobo nje uma besinalokho, besinaWo.” Awunawo.

318 Uma ningikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, lalalani amaZwi ami. Niyabo? Yileyonkohliso ngalolusuku. Alishongo yini iBhayibheli, “Uyosondelana uyodukisa abaKhethiweyo uma kunokwenzeka”? AbaK*hethiweyo*, “kuya phansi emphefumulweni.”

319 Kodwa uma usine eMoyeni, usalokhu unezinto zezwe, kukhona okungalungile. Uma ukhuluma ngezilimi; uPawulu wathi, “Ngingakhuluma ngezilimi zomuntu nezezingelosi, futhi ngibe ngisalokhu ngingasindiswa ngisho.” Ehhe, zombili izinhlobo, niyabo. “Ngingawenza onke amadlingozi, ngingaba nokukholwa, ngingashumayela iVangeli, nginganikela ngazozonke izimpahla zami ukondla abampofu, ngingaphatha iZwi ezinkundleni zezimishini ngaphesheya kwe...futhi ngisalokhu ngingento yalutho.” Niyabo? KuyilelongaPhakathi lengaphakathi, mfowethu. Lokho...Umoya wakho uyahlakazeka uma ufa, usuka undize, kodwa umphefumulo wakho uyaphila. Niyabo?

320 Manje zibuke. Ngempela, ngabe ungumKristu weBhayibheli wangoqobo, ogwele uthando lukaNkulunkulu na? Khumbula, iBhayibheli lathi, ngezinsuku zokugecina nxa lesisikhathi senzeka, Wathi, “Ingelosi ebeka uphawu yadabula emabandleni, yadabula emizini, yayisinameka uphawu *kuphela* labo ababubula nabakhalela isinengiso esasenziwa emzini.” Kunjalo na? UHezekeli 9, siyazi ukuthi lelo yiQiniso. Ingelosi ebeka uphawu yaphuma yayisibeka uPhawu ekhanda labo, ebunzini, yabanameka ngophawu, “Ababubula futhi bakhala.”

321 Emva kwalokho kufika izingelosi ezibulalayo kusukela emagumbini amane omhlaba, eziza masinya, siyakubona kuza, izimpi zingena ngqo eziyobulala nya umhlaba wonke. Kwakungekho lutho ezazingekuthinte kodwa labo ababenoPhawu.

322 Manje khetha... Ngabe inhliziyo yakho ikhathalele kakhulu ngezoni, nendlela ibandla nabantu abenza ngayo, ngangokuthi ungaze ububule futhi ukhale ngakho imini nobusuku na? Uma kungenjalo, ngiyamangala. Lowo ngumBhalo.

323 Ungama nje bese uthi, “Nkulunkulu Othandekayo, angimile ngoba uMfowethu Branham usho njalo, kodwa ngizwe iZwi lakhe lisho lokho, futhi ngizokwenza lokhu. KuWe, Nkosi, ngiyama. Ngiyadinga, Nkosi. UbuNganginika isidingo sami kulobubusuku lapha kulendawo na? Ngiyama.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. “Ngiyadinga, ngifuna Wena ukuba ube nesihawu phezu kwami.” UNkulunkulu akubusise. “Ngifuna ukuba wuhlobo lomKristu olu...”

324 Manje, khumbulani, umuntu omi ngakuwe yinto efanayo oyiyo. Ngifuna nje welule isandla bese ubamba isandla sabo, uthi, “Mfowethu, dade, ngikhulekele manje. Ngifuna ungikhulekele. Ngi—ngi...” Kusho nje ngabo bonke ubuqotho

bobuKristu, “Ngikhulekele. Ngizo...ngi—ngi—ngifuna ukuba ngilungisane noNkulunkulu. Ngikhulekele, ngizokhuleka ukuthi uNkulunkulu uzokunika ithuba.”

³²⁵ Ngi—ngiyazi ukuthi si...Ngeke sisahlala lapha isikhathi eside kakhulu; niyakubona lokho. Si—sisesikhathini sokuphela. Wonke lowo okukholwayo lokho, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Si...Akukho lutho olusele. Yonk’into isihambile. Amabandla aqonde emkhandlwini weNkolo yonke yamaKristu. Izwe, li... .

³²⁶ Bukani lapha! Niyazi ukuthi iNkosi ithini ngeLos Angeles nalezizindawo lapha na? “Isihambile!” Niyakuhumbula enganitshela khona, cishe eminyakeni emibili edlule, ukuthi ukuzamazama komhlaba kuyongena kanjani eCanada enhla lapha, eAlaska na? Ngiyanitshela futhi ukuthi “IHollywood neLos Angeles ishelelela olwandlekazini. California, usulahliwe! Akusiyo iCalifornia kuphela; kodwa wena, zwe, usulahliwe! Bandla, ngaphandle uma ulungisana noNkulunkulu, usulahliwe!” USHO KANJE UMOYA ONGCWELE!

³²⁷ Senake nangizwa ngisebenzisa leloGama ngaphandle uma kufezeka na? Ngiyanibuza! Seningaze iminyaka engamashumi amabili. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ingafezeki na? Uma yonk’into engake nganitshela ukuthi yayiyokwenzeka, yenzeka, thanini “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Niyabo? Ngiyanitshela, ihora limanje, kungcono nilunge, sonke.

Manje ake ngamunye sikhulekele abanye:

³²⁸ Nkulunkulu Othandekayo, njengoba simi lapha kulobubusuku, abantu abafayo, ubuso bethu bubheke ngasemhlabeni, uthuli. Nje si... . Usiphe lentshumayelo esikayo, Nkosi. Sibona isibonelo samadoda amabili. Enye yawo, iyindoda ekholwayo, yaya ebandleni kodwa yenqaba ubuholi bokuPhila okuPhakade. Nenyene yenqaba udumo lwezwe futhi *yaphendukela* ekuPhileni okuPhakade. Futhi sibona zombili izimo zawo kulobubusuku, ngokweBhayibheli: isicebi sisebuhlungwini, noMose useNkazimulweni.

³²⁹ Baba, sifuna ukufana noMose. Sifuna ukuholwa yiNdodana yaKho eNgcwele, uJesu Kristu, siye ekuPhileni okuPhakade. Kuphe Izinhliziyi zethu kulobubusuku, Nkosi. Diliza ukhiphe inhliziyi endala eyitshe; faka kithi inhliziyi entsha, inhliziyi yenyama, inhliziyi Ongakhuluma kuyo futhi usebenzane nayo, futhi asizukuba ngabakhukhumele noma abehlukile. Kwangathi uMoya oNgcwele ungesuke neze, Nkosi. Kwangathi Ungeza futhi ugcoke lababantu. Khuluma kubo; qaqulula izintando zabo ezingamatshe, bese ufaka intando kaNkulunkulu. Basindise bonke, Baba. Siphe okothando lwaKho. Sifikise endaweni, Nkosi, ukuthi sizodeda kuyoyonke i—ingxenye yamadlingozi,

siye engxenyeni eqinile yomuzwa..ingxenye ezwakala enhliziyweni, ukujula kukaMoya, imfuyo kaNkulunkulu, uMbuso kaMoya ezinhliziyweni zethu. Siphe khona, O Mholi oMkhulu, Moya oNgewele omkhulu, ngaphambi kokuba Usuke Undizele ezibhakabhakeni neBandla laKho.

³³⁰ O Nkulunkulu, mangihambe, Nkosi. Ungangishiyi ngemuva, Jesu. Mangihambe naWe, Baba. Angifuni ukuhlala lapha kulomhlaba ukubukela lezizinhlopheko ezizayo. Angifuni ukuhlala lapha kulobubuhlanya. Angifuni ukuma lapha lapho ukubukwa kwezesabekayo...abantu belahlekelwa yongqondo yabo. Sibuka owesilisa ezama ukuziphathisa okwezilwane futhi abukeke njegezilwane; abesifazane bezama ukubukeka njegezilwane, nopende ebusweni babo. Ngazi ukuthi lezizinto zibikezelwe ukuthi zenzeke, ukuthi into izokwenzeka, bayoba ngabahlanya kakhulu ngangokuthi izintethe ziyovuka zinezinwele njengabesifazane ukuhlupha ngokuhambela abesifazane; namazinyo anjengawezingonyama, nezinto Ozishilo, isimo sengqondo sabantu siyophela nya. Siyakubona ekwenzekeni khona manje, Nkosi. Sisize! Buyisela kithi umqondo osile kaKristu Jesu iNkosi yethu.

³³¹ O Mholi oMkhulu wokuPhila okuPhakade, siyasemukela isithembiso saKho kulobubusuku, Baba. Nginxusela lababantu. Ngibanxusela bonke, eGameni likaJesu Kristu, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi uKristu iNdodana kaNkulunkulu uzongena ezinhliziyweni zethu sonke, Nkosi, futhi usibumbe futhi usenze sibe yizidalwa ezintsha kuJesu Kristu. Siphe khona, Nkosi Nkulunkulu.

³³² SiyaKuthanda. Futhi sifuna ukuhleleka kwethu... uguquko lwethu lungene kithi, ukuthi singaba ngabantwana baKho, sizwe okoMoya waKho kuhamba ezinhliziyweni zethu, Nkosi, kusithambisa futhi kusiletha ekuqondweni kwalonyaka wobuhlanya esiphila kuwo. Siphe khona, Nkulunkulu. Nxa sibona izintombi zibanjwe ngqi kangaka ebulembini bukadeveli, izinsizwa, izingqondo eziphendukezelwe, abantwana, abashushumbisi bezidakamizwa, ukubhema usikilidi, ukuphuza, isimilo esibi, iEdene likaSathane.

³³³ Nkulunkulu, kuKuthathe iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, ngokweBhayibheli, ukwakha iEdene. Futhi Wabeka indodana yaKho nomkayo phakathi lapho (umlobokazi wayo), ukubusa phezu kwayo. NoSathane uyafika wayeseyiphendukezela; uneminyaka eyizinkulungwane eziyithupha, futhi wakhe iEdene lakhe uqobo lokuhlakanipha ngesayense, nemfundo, nokubizwa ngokuthi ubuhlakani, futhi ulakhele emfucumfucwini yokufa.

³³⁴ O Nkulunkulu, sibuyisele eEdene futhi, Nkosi, lapho okungekho-kufa khona, lapho okungekho-sizi khona. Siphe khona, Nkosi. Simi ngokuzithoba, silinde uAdamu wesibili

ukuba afikele uMlobokazi waKhe. Senze sibe yingxenye yaKhe, Baba. Sikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

335 Niyamthanda uNkulunkulu na? Ningakuzwa... Niyakuqonda engizama ukunitshela khona na? Uma ningaqonda, phakamisani izandla zenu nje, nithi, “Ngiyakuqonda ozama ukukusho.” Ningabubona ubuhlanya balonyaka na? Bukani ukuthi sebuhambe kanjani, akukho ngisho nokucabanga phakathi kwabantu. Sekuhambile! Kuphi okwethu...? Ngisho nabaholi bethu.

336 Bukani uMongameli wakithi! “Uma befuna ubuKhomani, mababe nabo. Noma ngabe yini abantu ayifunayo, mababe nayo.” Uphi oPatrick Henry bakithi, oGeorge Washington bakithi na? Baphi abaholi bakithi abangamela umgomo na? Asisenabo.

337 Aphi amabandla ethu, abefundisi bethu na? Abazothatha abantu bangene nje besesekuvivinyweni, noma bangene, bajoyine ibandla futhi benze *lokhu* noma babe nevuso elincane noma okuthize. Iphi lawomadoda kaNkulunkulu, labobaprofethi abama qekele futhi bangalokothi bone, bazeyise lezizinto zezwe na?

338 Aphi lawomadoda anobuqotho na? Akuphi na? Athambe kakhulu, nangemiqondo yezihlakaniphi nezinto, aze angabe esaba lapha. O Nkulunkulu, sihawukele.

339 Okubukwayo okwesabekayo okuza phezu komhlobo. Ungabona ukuthi abantu ungena kanjani kukho. Kungubuhlanya. Kodwa uma leyonto igadla, iBandla liyobe selihambile.

340 Nkulunkulu, masibe lapho. Lowo ngumkhuleko wami eBukhoni obungaPhezu kwemvelo obukulendlu kulobubusuku, uKristu omkhulu osalokhu enokuPhila okuPhakade. Ngikhuleka kuWe, Kristu, njengoba ngilapha namehlo ami evulekile, ngibuka ibandla Olihlengile ngeGazi laKho. Nkulunkulu, ungavumeli noyedwa wethu alahleke. Sifuna ukuba silunge kuWe. Ngakho sihlanze, O, Nkosi, kubo bonke ububi bethu. Susa izono zethu nezinto.

341 SiKubonile uphilisa abethu abagulayo, ngisho nokuvusa abafileyo (bebuye bephila ngomkhuleko), futhi sibone zonke lezizinto zenzeka, Baba. Manje sibuyisele ekuPhileni, ngokomoya; sibuyisele ekuqondweni kokuPhila okuPhakade ngoKristu Jesu. Siphe lokhu, Baba. Ngikunikela konke kuWe. E Gameni likaJesu Kristu.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane!

Bukani kuYe. Makasithambise.

. . .sibonane!

UNkulunkulu abe nathi size sibonane futhi!

³⁴² Siphakamise izandla zethu manje:

Size sibonane! size sibonane!

Mfowethu Salano, noma ngabe ubani olandelayo. [Omunye uthi, “Noma yini enye na?”—Umhl.] Qhabo. UNkulunkulu akubusise.



UBUHOLI ZUL65-1207
(Leadership)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesibili kusihlwa, ngo Disemba 7, ngo 1965, wesiphihli sedili leFull Gospel Business Men's Fellowship International eCovina Bowl eCovina, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org